www.kznonline.gov.za

KWAZULU-NATAL PROVINCIAL GOVERNMENT

SIMAMA

USHICILELO LWAMAHHALA LUKAHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI USHICILELO 207 • JANUARY 2017

# ISILO SAMABANDLA SIYISIBANI EZWENI LETHU



*Isilo samabandla, uGoodwill Zweilithini kanye noMntwana wakwaPhindangene lapho behambele khona umcimbi wesikhumbuzo sempi yaseSandlwana.* ***Isithombe:*** ***THEMBA MNTYALI***

Izinkulungwane zabantu bezibuthene eNquthu eSandlwana ukuzothamela umgubho waminyaka yonke wempi yaseSandlwana lapho amabutho aKwaZulu ayeholwa nguNtshingwayo kaMahole Khoza anqoba khona ehlula amangisi aseBrithane.



KWAZULU-NATAL PROVINCIAL GOVERNMENT

**UHulumeni waKwaZulu-Natal**

**Uzohambela izikole nomphakathi kuMasipala waseJozini ongaphansi kukaMasipala wesiFunda saseMkhanyakude.**

**Lolu uhlelo luka Operation Sukuma Sakhe.**

**Loluhambo luhlelwe kanjena**

**01 February 2017**

**Isikhathi: 09h00**

To be the centre of governance, providing leadership towards achieving **KZN Vision 2035**

www.kznonline.gov.za

KZN Provincial Communications_2017

# OKUNGAPHAKATHI












## UMNYANGO UGQEMEKE INGOZI NGOSUKU LOKUQALA LOKUVULWA KWEZIKOLE

### IKHASI 4

Nakuba uMnyango ugculisekile ngendlela okuhambe ngayo ukuvulwa kwezikole esiFundazweni, kodwa ugqemeke ingozi ngemuva kwengozi edlule nemiphefumulo yabafundi abane engozini ebandakanya itekisi nebhasi.

## ISIFUNDAZWE NETHUBA LOKUSINGATHA IWEF-AFRICA

### IKHASI 5

IsiFundazwe saKwaZulu-Natali sithole ithuba lokusingatha ingqungquthela esisigabeni somhlaba ebizwa ngokuthi i-WEF Africa. Lokhu kudalulwe uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo uSihle Zikalala kulelisonto.

## INTOKOZO YODWA KWAMUKELWA ABAKHWETHA ABASOKWE NGEMPUMELELO E-KOKSTAD

### IKHASI 7

Bangaphezu kwamakhulu amabili abakhwetha base Kokstad abebephuma entabeni ukokweluka abamukelwe emphakathini uNgangezwe lakhe iSilo Samabandla u-Goodwill Zwelithini, emva kokuphothulwa ngempumelelo ukusoka okungazange nazigameko ezibikiwe ezingezinhle.

## UMTHEMBU UHAMBELE EMZINYATHI UKUYOQINISA UKUSEBENZA KOMTHETHO

### IKHASI 11

Umkhonto ubhajwe enxebeni kwabayizephula mithetho yomgwaqo ngamaholide kaZibandlela ngesikhathi kunokhukhulela-ngoqo wezivimbamgwaqo obuholwa nguNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali uMnumzane uThemba Mthembu.

## UKAUNDA UKHUTHAZE ABAFUNDI KUVULWA IZIKOLE

### IKHASI 13

Ngaphansi kohlelo lukaHulumeni wesiFundazwe lokuhambela izikole ukuyobheka izingqinamba ezibekene nezikole kanye nokugqugquzela lezo ezingenzanga kahle, uMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMxolisi Kaunda uhambele izikole ngaphansi kwesifunda saseZululand.


## MAYELANA NALOLU SHICILELO


Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I-Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelo zaHulumeni wesiFundazwe.

**Ishicilelwa kabili ngenyanga.**

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwe esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana neHhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma simosenkosi.chamane@kznpremier.gov.za

**Liyatholakala naku:** www.kznonline.gov.za

**Ithimba elihlanganise iphephandaba:**


**Umhleli omkhulu:**
Mahlathi Tembe

**Umhleli wamakhasi nezindaba:**
Bonga Khoza

**Abezithombe eHhovisi likaNdunankulu:**
Zandile Shange no Themba Mntyali


© KZN Provincial Government

KWAZULU-NATAL
PROVINCIAL GOVERNMENT



# ISILO SAMABANDLA SIYISIBANI EZWENI LETHU KANTI SEMBETHE UBUHLAKANI

**NOLWAZI NZUZA**

Izinkulungwane zabantu bezibuthene eNquthu eSandlwana ukuzothamela umgubho waminyaka yonke wempi yaseSandlwana lapho amabutho aKwaZulu ayeholwa nguNtshingwayo kaMahole Khoza anqoba khona ehlula amangisi aseBrithane.

Lomcimbi ubuhanjelwe Isilo samabandla uGoodwill Zwelithini, umntwana wakwaPhindangene uMangosuthu Buthelezi, uNgqongqoshe wamaciko namasiko uNkk Bongi Sithole-Moloi Kanye noNgqongqoshe wezempilo uDkt Sbongiseni Dlomo obemele uNdunankulu wesiFundazwe ungaphumelelanga ngenxa yokugula.

"Njengoba sigubha lolusuku lwempi yaseSandlwana sikwenza ngoba kufanele sikhumbule la sisuka khona njengesizwe nezinkambo zethu Kanye nezimpi esihlangabezane nazo, ngakho kuligugu kithi ukuthi ubuqhawe buyalwelwa njengoba kwenza amabutho akwaZulu.

Njengoba sigubha lolusuku sisho njalo kwizizukulwane ezikhona nezizayo ukuthi zikhumbule futhi zingakhohlwa ukubala izinto isizwe esizenzile nokuhlabana kwaso ezimpini esihlangabezane nazo, sesikwazi ukuhlala ndawonye sixoxisane nezinye izwe sivumelane ngokungavumelani ngakho kuwusuku oluyintokozo kuZulu wonke.

Yingakho sibuthene lapha ongangezwe lakhe esibizile ukuzokhumbula njengonomthebe wethu wesizwe ezosikhumbuza ukuthi sifanele ukuwuqhuba lomsebenzi wokuthi abantu bahlalisane ngokuthula nangesizotha esifaneleyo" kubeka uNkk Bongi Sithole-Moloi evula inkulumo yakhe yokwethula Isilo samabandla.

UNgqongqoshe wezempilo kwisiFundazwe uDkt Sbongiseni Dlomo obemele uNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnuz Willies Mchunu Kanye noHulumeni wonkana, uzwakalise ukubonga ngokubambisana okubekhona phakathi kwamaKhosi iNdlunkulu Kanye noHulumeni ukuze kuqinisekiswe ukuthi lesiFundazwe siyawagcina amagugu namasiko futhi siyathuthuka siyaphambili.

UDkt Dlomo ubonge ingxenye edlalwe iSilo Kanye neNdlukulu ikakhulukazi ezikoleni zokusokwa eziseningizimu yesiFundazwe sakwaZulu-Natal iKokstad, uphinde wabonga umbiko abawutholile njengoHulumeni ovela kwiSilo othinta udaba lwezemfundo othulwe uNgqongqoshe wezemfundo, kanti uDkt Dlomo unxuse othisha ukuba bafundise izingane bangazibheki izingane zamantombazane njengezintombi.

"Sibonga kakhulu ukuthi sikulomgubho omkhulu kangaka, umgubho lapho okwaba khona igalelo elikhulu kubantu behlabathi lonke.

Ngithatha lelithuba ukwazakalisa ukuthokoza kwethu njengoHulumeni oholwa uNdunankulu uMnuz Willies Mchunu ukuthi kuyisibusiso kakhulu kuthi njengoHulumeni ukuthi siphinde sihlanganyele neSilo ukugubha lolusuku olubaluleke kakhulu emlandweni wesiFundazwe.

Sithole izeluleko, sakhuliswa saphinda sathola izimfundiso eziningi ezivela kwiSilo kumgubho wokubungaza iminyaka engu45 iSilo samabandla siphethe kanti ngikhulumela nabasebenza ehhovisi leSilo ukuthi siyaqhubeka ukuthola izilokotho ezinhle ezibongela iSilo ngomsebenzi omuhle esiwenzayo.

ISilo siyisibani ezweni lonke futhi sembethe ubuhlakani ngakho thina singabaholi baHulumeni asikutholi konke uma singasondelanga eNdlunkulu ukuzolulekwa ngakho siyakuqonda ukuthi ngeke sakwazi ukuqhubeka nomsebenzi wesizwe uma sizohambela kude neNdlunkulu neSilo samabandla ngoba ikhaya lethu esifika khona sizocosha khona izeluleko" kubeka uDkt Dlomo enkulumweni yakhe ebibhekiswe kwizethameli zalomcimbi. ISilo sithe kumele amaKhosi ahlonishwe ngezindondo ngoba iwona aqala umzabalazo wokuvikela izwe ngaphambi kosopolitiki.

"Ngisho iqembu elibusayo okuyilo elidala kunawo wonke lapha eNingizimu Afrika nasezwenikazi i-Afrika lisungulwe ngo 1912, umzabalazo wamakhosi elwela inkululeko kade uvele usuqalile".

> *"Njengoba sigubha lolusuku lwempi yaseSandlwana sikwenza ngoba kufanele sikhumbule la sisuka khona njengesizwe nezinkambo zethu."*



*Isilo samabandla, uGoodwill Zweilithini, umntwana wakwaPhindangene kanye noNgqongqoshe wezempilo, uDokotela uSibongiseni Dhlomo lapho behambele khona umcimbi wesikhumbuzo sempi yaseSandlwana.*
***Isithombe:** THEMBA MNTYALI*








www.kznonline.gov.za

PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

OPERATION Sukuma Sakhe

## UHulumeni waKwaZulu-Natal

**Uzohambela izikole nomphakathi kuMasipala waseJozini ongaphansi kukaMasipala wesiFunda saseMkhanyakude.**

**Lolu uhlelo luka Operation Sukuma Sakhe.**

UNdunankulu waKwa-Zulu-Natal, uMnuz. Willies Mchunu uzohola ithimba loNgqongqoshe besiFundazwe ukuhambela izikole kuMasipala wase Jozini ngaphansi kwesiFunda Umkhanyakude. Lomkhankaso ongaphansi kohlelo u-Operation Sukuma Sakhe kuhlongozwa ngawo ukukhuphula izinga lokufunda ezikoleni, ukuletha izinhlelo zentuthuko nokulalela izinkinga zomphakathi.

**Loluhambo luhlelwe kanjena:** **01 February 2017** **Isikhathi: 09h00**

| IWADI | INDAWO | UNGQONGQOSHE |
|---|---|---|
| Ward 07 | Jozini Stadium Hall | Premier: Wilies Mchunu |
| Ward 14 | Ingwavuma Community Hall | MEC: Sihle Zikalala |
| Ward 02 | Majozini Hall | MEC: Weziwe Thusi |
| Ward 08 | Msiyane Hall | MEC: Dr. Sibongiseni Dhlomo |
| Ward 01 | Ndununkosi Hall | MEC: Nomusa Dube-Ncube |
| Ward 03 | Ezinyokeni Hall | MEC: Ravi Pillay |
| Ward 04 | Egujini Hall | MEC: Belinda Scott |
| Ward 05 | Hlalanathi Hall | MEC: Bongi Sithole-Moloi |
| Ward 06 | Ntenga Hall | MEC: Mxolisi Kaunda |
| Ward 09 | Ophondweni Hall | MEC: Themba Mthembu |
| Ward 10 | Kwashukela Hall | MEC: Mthandeni Dlungwane |

**KwaZulu-Natal Masisukume Sakhe!!!**

KZN Provincial Communications_2017

# ABAZALI BAYANXUSWA UKUBA BADLALE INDIMA EBONAKALAYO KWEZEMFUNDO

**NOLWAZI NZUZA**

Imfundo yezingane zesikole akufanele iyekelelwe kothisha kanye noHulumeni kuphela" lawo kube amazwi ka Mnuz Sihle Zikalala onguNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha Kanye nezeMvelo ngesikhathi evula inkulumo yakhe ebibhekiswe kubazali Kanye nomphakathi waseJozini Kanye naseHluhluwe ngosuku lokuqala lokuvulwa lwezikole.

UMnuz Zikalala ubehambele izikole ezingaphansi kwaMasipala waseMkhanyakude njengebamba likaNdunankulu obengaphilile.

Ekhuluma nothisha Kanye namalunga omkhandlu olawula isikole uMnuz Zikalala uthe yize kuyiqiniso ukuthi kungumsebenzi kaHulumeni ukuqinesekisa ukuthi izikole zinazo izinsiza zokufunda, kodwa nabazali kunendima enkulu okumele bayidlale ekwakheni indawo elungele ukufunda nokufundisa.

"Kuyasijabulisa ukuthi zonke izikole esizihambele namhlanje ziwuqale kahle umsebenzi wokuvulwa kwezikole futhi nothisha Kanye nabafundi bafike ngesikhathi esifanele bekulungelele ukubhekana nomsebenzi wesikole ngosuku lokuqala lwesikole" kubeka uZikalala.

Kodwa uNgqongqoshe uphinde wazwakalisa ukukhathazeka ukuthi kwezinye izikole kunabazali abangxambukela ezindabeni zesikole okuba nomthelela ongemuhle kwizinhlelo zezemfundo.

"Kwesinye isikole sithole umbiko ovela kuThishanhloko ukuthi kuqubuke impi ngaphakathi emagcekeni esikole kwaze kwathintwa amaphoyisa ukuba angenelele nokugcine ngokuthi kuvalelwe laba ababandakanywa nalesigameko" kuqhuba uNgqongqoshe.

UMnuz Zikalala uphethe inkulumo yakhe ngokunxenxa abazali ukuba basebenzisane nothisha kunokuthi babagxeke ukuze kube khona ukuhloniphana ezikoleni kwazise izikole indawo yemfundo.

# UMnyango ugqemeke ingozi ngosuku lokuqala lokuvulwa kwezikole

SiwuMnyango sigqemeke enkulu ingozi ngokuhanjelwa abafundi abaningi kangaka ngosuku lokuqala nje zivuliwe izikole.

**NOMPUMELELO GASA**

Nakuba uMnyango ugculisekile ngendlela okuhambe ngayo ukuvulwa kwezikole esiFundazweni, kodwa ugqemeke ingozi ngemuva kwengozi edlule nemiphefumulo yabafundi abane engozini ebandakanya itekisi nebhasi.

Lengozi ethathe imiphefumulo emine, yenzeke ngosuku lokuqala ngqa kuvulwa izikole, mhlaka 11 January 2017 endaweni yase Ntuzuma.

Labafundi bebefunda eSibonelo High School, Kanye nase Sivananda Technical High School KwaMashu.

Ukudlula emhlabeni kwalabafundi ngalesisihluku kusukumise uMphathiswa uMthandeni Dlungwana oshaqeke kakhulu ngalesisigameko.

UMphathiswa uDlungwana akapholisanga maseko emva kokuzwa lezindaba zokudlula kwabafundi, ngosuku lwengozi uphuthume esibhedlela ukuyohlola abanye babafundi abasindile base bedluliselwa esibhedlela ukubaduduza nokubanika ithemba.

UDlungwana uphinde wavakashela imindeni yabafundi abashonile ngenhloso yokuzwelana nabo ebuhlungwini ababuzwayo.

"SiwuMnyango sigqemeke enkulu ingozi ngokuhanjelwa abafundi abaningi kangaka ngosuku lokuqala nje zivuliwe izikole. Siyazwelana kakhulu nemindeni eshiywe abantwana babo, siyafisa kakhulu ukuthi balulame ngokushesha nalabafundi abasesibhedlela ukuze bakwazi ukubuyela ezikoleni baqhube izifundo zabo," kubeka uDlungwana.

UMphathiswa uphinde wahambela inkonzo yesikhumbuzo salabafundi ebibanjelwe KwaMashu Christian Centre waze wababeka endlini yabo yokugcina.

Inkonzo yomngcabo yabafundi abathathu ibibanjelwe KwaMashu, ePrincess Magogo Stadium, ngoMgqibelo mhlaka 21 January 2017. Lenkonzo yomngcwabo ibihanjelwe nawumphathiswa weZokuthutha nokuPhepha koMphakathi, uMxolisi Kaunda kanye neMeya yeTheku uZandile Gumede.

Enkulumweni yakhe uDlungwana ukubeke kwacaca ukuthi ngeke nakancane bakwazi ukubekezelela abashayeli abangayilandeli imigomo ebekiwe yomgwaqo.

"Ngeke nakancane siwu Hulumeni sivumele abashayeli abaphula imithetho yomgwaqo.

Lezi izingane zethu ebesinethemba lokuthi zizokhula zibe utho emphakathini futhi zikwazi ukuthuthukisa nemindeni yazo, ngakho ngeke sivumele abashayeli abazokweqisa isibalo senani elivumelekile emakhumbini ngoba bejahe inzuzo, umthetho uzothatha indawo yawo," kuphetha uDlungwana.



*UNgqongqoshe weZemfundo KwaZulu-Natal, uMnu uMthandeni Dlungwane ethula inkulumo emngcwabeni*

UMnyango ubambisene nosomabhizinisi, yiwo owenze isiqiniseko sokuthi yonke imindeni elahlekelwe iyasizakala ngokuyithwalisa ezinye izindleko zokufihla abafundi. UMnyango ubuye wathola ukushaqeka ngemibiko engene ngoMsombuluko mhlaka 23 January 2017, ukuthi omunye wabafundi ekade ebangwa nezibi esibhedlela naye usedlulelile emhlabeni, okwenza inani labafundi abadlule kulengozi babe bahlanu.



# ISIFUNDAZWE NETHUBA LOKUSINGATHA IWEF-AFRICA

SIYABONGA MAPHUMULO

IsiFundazwe saKwaZulu-Natali sithole ithuba lokusingatha ingqungquthela esisigabeni somhlaba ebizwa ngokuthi i-WEF Africa. Lokhu kudalulwe uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo uSihle Zikalala kulelisonto.

UZIkalala obebuya engqungqutheleni yamazwe ahlukene emhlabeni eyaziwa ngokuthi i-WEF eDavos kwelaseSwitzerland lapho ebeyomela khona isifundazwe saKwaZulu-Natal uthe lesi sifundazwe yiso esinikwe ithuba lokusingatha amazwe ahlukahlukene akwizwekazi lase Afrika kwingqungquthela ezobanjelwa eThekwini ngoMeyi kophezulu.

"Njengoba kade sihambele ingqungquthela eyaziwa ngokuthi i-47th World Economic Forum (WEF) sifike sahlangana nabaholi kanye nosomabhizinisi abaningi abavela emazweni ahlukene omhlaba lapho esifike sacobelelana khona ngokuthi singawuthuthukisa kanjani umnotho wamazwe ethu ngokuhlukana kwawo.

Okubalulekile-ke kithi njengesifundazwe saKwaZulu-Natali ukuthi safike sathola ithuba lokuzimaketha njengesifundazwe esikulungele kakhulu ukutshala kuso izimali," kusho uZikalala. IWEF Africa, ngokusho kukaNgqongqoshe, iyithuba lokuthi lesisifundazwe sikhulise umnotho waso siphinde futhi sidale namathuba emsebenzi.

"Ukuza kwalengqungquthela kwelakithi kusho ukungena kwemali engango R155-million emnothweni wethu nokuyodala amathuba emsebenz angu 512.

Kanti-ke ukuze ikakhulukazi osomabhizinisi abasafufusa babambe iqhaza elibonakalayo kuyo, siyophinde sibe nomkhankaso wokuwuqwashisa umphakathi ngaphambi kokuqala kwengqungquthela."

Eqhuba uZikalala wathi ngale kwe-WEF Africa kunezinye izingqungquthela ezinkulukazi ezizoza kulesisifundazwe kulonyaka nokuyinto eyofaka cishe uR1-billion emnothweni.

Wathi okusemqoka ukuthi lezi zingqungquthela zingagcini nje ngokuhlomulisa osomabhizinisi abakhulu kumbe amahhotela kuphela kepha kumele nabantu abasemazingeni aphansi nabo bahlomule.

"Siyazi ukuthi isikhathi esiningi uma siba nezingqungquthela abantu abahlomula kakhulu yilabo abanamahhotela. Thina-ke siwuhulumeni sithi abantu abamnyama, ikakhulukazi intsha nabesimame, kumele nabo banikezwe amathuba okubamba iqhaza kulemboni," kusho uZikalala.




# UZikalala unxuse abazali ukuba babambe iqhaza kwezeMfundo

SIYABONGA MAPHUMULO

"IMFUNDO akusiyo into okumele ishiyelwe kothisha kuphela kepha nabazali kanye nomphakathi wonkana kumele ufake isandla."

Lona umyalezo oqinile okhiswe uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo uSihle Zikalala ewubhekise kubazali ngenkathi ehambele eMkhanyakude njengengxenye yohlelo lukahulumeni waKwaZulu-Natali lokuqapha ukuvulwa kwezikole.

UZikalala owahambela izikole eziyisihlanu ezindaweni ezindaweni zaseJozini kanye naseHluhluwe wathi yize kuwumsebenzi kahulumeni kanye nothisha ukuqikelela ukuthi zonke izinsiza kufunda zikhona, kepha kubalulekile ukuthi umphakathi kanye nabazali babambe iqhaza ukuze kuphathwe ngendlela izikole.

"Yize kwasithokozisa ukubona ukuthi ukufunda kuyaqhubeka kuzo zonke izikole esazihambela, sathola umbiko kwesinye sezikole ukuthi ngasekupheleni konyaka odlule kwaba khona ukuthikamezeka kwesiko lokufunda ngenxa yokuxabana kwabafana ababefunda kuso nokwaholela ekutheni othisha babikele abengalo yomthetho.

Nempela amaphoyisa abe esenza umsebenzi wawo wokubopha izigilamkhuba kepha kwathi uma seziboshiwe kwasuka abazali bayothikameza ukufunda bekhala ngokuthi akudedelwe laba ababeboshiwe."

UZikalala wathi lokhu akusibanga neze isibonelo esihle ngoba kwabeka isithombe sokuthi abazali bazwelana nezigilamkhuba ezithikameza ukufunda.

"Owethu-ke umyalezo uthi abazali kumele baqikelele ukuthi basebenzisana nothisha ukuze kuqiniswe isiko lenhlonipho ezikoleni nokuyinto esingangabazi ukuthi iyoba nomthelela omuhle ngisho ezingeni lokuphasa ebantwaneni."

Waphinde wahalalisela izikole zaseMkhanyakude ngokubalwa nezinye esifundazweni ezenze kangcono ikakhulukazi ezifundweni zezezibalo kanye nePhysical Science.

Ungqongoshe uZikalala owayehambisana namalungu ephalamende lesifunda, izikhulu eziphezulu zezemfundo kwisifundazwe kanye nemeya kamasipala wesifunda namakhansela waphinde wabamba umhlangano nothishanhloko bezikole ezikuleyandawo lapho athola khona umbiko ophelele ngezinye zezingqinamba nezinselelo ezibhekene nezikole.


*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo umhlonishwa uSihle Zikalala*

*"Owethu-ke umyalezo uthi abazali kumele baqikelele ukuthi basebenzisana nothisha ukuze kuqiniswe isiko lenhlonipho ezikoleni nokuyinto esingangabazi ukuthi iyoba nomthelela omuhle ngisho ezingeni lokuphasa ebantwaneni."*



**"Ukuza kwalengqungquthela kwelakithi kusho ukungena kwemali engango R155-million emnothweni wethu nokuyodala amathuba emsebenz angu 512."**

UNgqongqoshe wezokuThuthukisiwa koMnotho, ezokuVakasha, nezokongiwa kweMvelo KwaZulu-Natali uMnu Sihle Zikalala



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, ngesikhathi ehambele izikole eMlazi.*

# KUTUSWE OTHISHA NABAFUNDI ABAYIBAMBILE PHEZU KWEZINSELELO EZIKOLENI

Isikole nesikole kumele sibe nomuntu esimkhethile ozosimela, oba yingxenye yemihlangano eba sema-war room ukuze izidingo zezingane zibhekeleleke.

**HLENGIWE BLOSE**

Izinselelo abafundi nothisha abasebenza ngaphansi kwazo zibonakala zihluleka ukuqeda umdlandla nomfutho wokuba umsebenzi uye phambili.

Lokhu kube sobala muva nje ngenkathi uNgqongqoshe kwoMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, ehambele izikole ezahlukahlukene eMlazi, lapho efike waxoxisana nothisha, othishanhloko, izigungu zezikole, amaphoyisa kanye nabahloli, muva nje njengoba izikole zisanda kuvula.

Uthe: "Imfundo ingenye yezinto uhulumeni azibeke eqhulwini ngoba ikusasa lezwe lethu lilele kuzo izingane.

UHulumeni wethu usebenza ngokubambisana, yingakho ngilapha namhlanje.

Ukuba khona kwami lapha angizile ukuzothola amaphutha, kodwa ngizoneseka ukuze kube khona inqubekela phambili emsebenzini wokufundiswa kwezingane futhi angigcinile namhlanje ngoba sesiqale ubudlelwano obuzokwenza.

Ngizo lokhu ngibuya ngizohlola inqubekela phambili."

UNgqongqoshe uThusi uhambele izikole ezifana ne-King Shaka, wadlulela Ekwazini kanye nas' Embizweni High School.

Inkulumo yakhe ibigxile ezintweni eziningi, njengokutholakala kwezinsizakusebenza; imiphumela yamatikuletsheni yeminyaka emithathu edlule; indlela esiphethwe ngayo isikole; okuthinta isakhiwo sesikole; uhlelo lokuphakelwa kwezingane ukudla; ukuphepha nendlela yokuziphatha; ezempilo kanye nenhlalakahle esikoleni; ukubambisana kothisha, ukubambisana phakathi kwesikole nesigungu sesikole kanye nomphakathi Kanye nokubalula izihlava namasu ekumele asetshenziswe ukulwa nazo.

UNgqongqoshe uThusi ubevakashele lezi zikole njengoba eyiLungu lesiShayamthetho esijutshwe ukubhekelela indawo yaseMlazi.

Ezinye zezinto ezivelile ezithinta uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi ukusetshenziswa kwezidakamizwa, ukukhulelwa kwamantombazane, izingane eziyizintandane, izingane nentsha ephethe imindeni, izingane ezihlwempu, nathe uzozisukumela ngokuthumela uSonhlalakahle kulezi zikole ngokushesha.

Uthe: "UMnyango utshale uSonhlalakahle obhekelela iwadi newadi, nengifisa nisebenzisane naye. Isikole nesikole kumele sibe nomuntu esimkhethile ozosimela, oba yingxenye yemihlangano eba sema-war room ukuze izidingo zezingane zibhekeleleke."

Uthishanhloko waseKing Shaka, uMnumzane Bongani Mncwabe, ukuthakasele ukufika kukaNgqongqoshe, wabe esebeka kanje: "Kuyaqala ukuthi sithole ukusingathwa okuhle kangaka.

Lomshado esiwuqalile namhlanje engathi ungalokhu uqhubekile ukuze nathi sihlale sisebenza ngokukhuthazeka ekufundiseni izingane, sithole nemiphumela emihle ezofukula isikole sethu."

UMnumzane Mondli Khubone, onguThishanhloko was'eMbizweni, yena uncome ukusebenzisana kahle kwabazali, umphakathi, isigungu kanye nothisha besikole sakhe.

Uthe: "Indlela esisebenza kahle ngayo iyamangalisa.

Sisanda kuba nomhlangano nabazali nje ngomhlaka -12 kulenyanga.

Bayisithupha kuphela abazali bezingane ababengekho."

UNgqongqoshe uThusi utuse ukuzinikela kothisha kuzo zonke lezi zikole nokwenza izaba zokuthi izingane zifunde phezu kwezimo ezinzima abahlangabezana nazo.

> *"Imfundo ingenye yezinto uhulumeni azibeke eqhulwini ngoba ikusasa lezwe lethu lilele kuzo izingane. UHulumeni wethu usebenza ngokubambisana, yingakho ngilapha namhlanje."*



"Imfundo ingenye yezinto uhulumeni azibeke eqhulwini ngoba ikusasa lezwe lethu lilele kuzo izingane."

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi. Weziwe Thusi

# INTOKOZO YODWA KWAMUKELWA ABAKHWETHA ABASOKWE NGEMPUMELELO E-KOKSTAD

Bangaphezu kwamakhulu amabili abakhwetha base Kokstad abebephuma entabeni ukokweluka abamukelwe emphakathini uNgangezwe lakhe iSilo Samabandla u-Goodwill Zwelithini, emva kokuphothulwa ngempumelelo ukusoka okungazange nazigameko ezibikiwe ezingezinhle. Lomcimbi wokubamukela ubusezinkundleni zemidllao i-Shayamoya eKokstad.

Kanti phakathi kwabanye abebewuhambele kubalwa iphini laKaNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana noHulumeni beziNdawo, uMhlonishwa u-Obed Bapela; obambile njengoNdunankulu KwaZulu-Natal uMnz. Sihle Zikalala, uNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo; uNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana kaye noHulumeni bezindawo KwaZulu-Natal uNkkz Nomusa Dube-Ncube; uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi uNkkz Weziwe Thusi; uSihlalo wabaHoli boMdabu Inkosi Phathekile Chiliza kanye nezimeya.

UDkt Dhlomo ubonge Isilo SamaBandla ngokuhlaba ikhwelo ngo-2009, ngesikhathi sinxusa ukuba kuvuselelwe isiko lokusoka ukuze kuncishiswe ukubhebhetheka kwegciwane lesandulela-ngculazi kanye nayo.

UDkt Dhlomo uphinde wabonga ikomidi labaholi bomdabu iNdlondlo, okuyilo elihlela ukuthi abakhwetha beluke endaweni yase-Kokstad, ngokuvuma ukusebenzisana noMnyango wezeMpilo ukuqinisekisa ukuthi baphephile bonke abakhwetha.

Lokhu kusebenzisana okuhle sekuholele ekutheni ludlondlobale uhlelo lokusoka njengoba Indlondlo ifundisa abakhwetha indlela yokuziphatha ngesikhathi besuka ebufaneni sebengena ebudodeni.

Ngesikhathi ethula umbiko ngomsebenzi osuwenziwe kusukela ngo-2010, uDkt Dhlomo uchazele uNgangezwe lakhe ukuthi ukubambisana nabaholi bomdabu kube nesandla ekuhambeni kahle kwalolu hlelo.

"Namhlanje siyaqhenya ukubika ukuthi ngokubambisana siqinisekisile ukuthi abekho abakhwetha abashonayo. Ngo 2012, i-Greater Kokstad iyodwa ikwazile ukusoka abangu 236; ngo-2013 sasoka abangu 241; ngo-2014 sanyuka isibalo safinyelela 300. Ngo 2015 baba ngu-265; kanti namhlanje abangu 200 ababuye bephila bengenalutho emva kokusoka. Eqinisweni kumele sisebenzisane ukuze siqinisekise ukuthi lolu hlelo luyaqhubeka nokuba yimpimelelo, futhi lwakhe amadoda akusasa, aziphatha ngendlela efanele." Iphini likaNgqongqoshe u-Oded Bapela uthe ujabule, futhi ufunde lukhulu ngendlela uhlelo lokusoka



UNgqongqoshe Dhlomo kanye neSilo SamaBandla; Inkosi uChiliza kanye nobambe njengoNdunankulu uMnz Sihle Zikalala.

oluhamba ngayo esifundazwe iKwaZulu-Natal, nokuyinto okumele nabakwezinye izifundazwe bafunde kuyona. "Ngize lapha ukuzofunda ngoba eminyakeni eminingi besilokhu sihlanganisa izibalo zabakhwetha abashonayo esifundazweni i-Eastern Cape , e-North West, e-Limpopo kanye nakwezinye izifundazwe, kodwa KwaZulu-Natal asikazwe sizwe izigameko zabashonayo. Engikubonayo lapha ukusebenzisana kuyona yonke iminyango kaHulumeni. Ngihlabeke umxhwele ngokusebenzisana okuhle engikubonayo phakathi koMnyango wezeMpilo kanye nekomidi labomdabu (INdlondlo) ngokubona ubumqoka bokubuya kwabakhwetha bephilile. Ngijabule kakhulu." UNgangezwe lakhe ubonge kakhulu uNgqongqoshe uDhlomo ngokubamba iqhaza ekuvuselelweni kosiko lokusoka ngendlela ephephile, njengoba sebengaphezulu kuka 750 000 abafana asebesokile kusukela ngo-2010. UNgangezwe lakhe ube esebahalalisela bonke abakhwetha abangu-200 base Greater Kokstad.

# Iziguli ezinamahlalakhona zizothola imithi ngasekhaya

**SIBONGISENI DHLOMO**

**NGABE** ukhathazwa yizindleko zokuyolanda imithi esikhungweni sezempilo, noma ukuhamba kancane kojenga emtholampilo nasesibhedlela ngenxa yesiminyaminya esidalwa ukwanda kwezifo ezingamahlala khona ezibandakanya esikashukela, umfutho wegazi ophezulu, esofuba, HIV nezinye? Izindaba ezimnandi ezithi uMnyango WezeMpilo KwaZulu-Natal usemkhankasweni oyingqayizivele wokuguqula lesi simo ngokunika iziguli imithi yezifo ezingamahlala khona ezahlukene eduze nasemakhaya.

Ngaphansi kwalolu hlelo, olubizwa nge-Central Chronic Medication Dispensing and Distribution (CCMDD), isiyatholakala imithi yezifo ezifana nesikashukela; esomfutho ophezulu; esenhliziyo; umdlavuza; kanti nemishanguzo yokuthithibalisa igciwane lesandulela-ngculazi (HIV), isifo sofuba kanye nesofuba esixaka okudlulele (Drug-Resistant TB). Itholakala emahholo omphakathi, ezitolo, ezikoleni, ezinkulisa, ezizindeni zika-Operation Sukuma Sakhe (War Rooms), ezindlini zokukhonza, nasezinkantolo zamakhosi, ukubala nje izindawo ezimbalwa.

Bonke abantu abaseduze nemitholampilo bazobhekelelwa ngokuthi bangalindi emigqeni emide, kodwa bavele baqonde emawindini akhipha imithi bafice amaphasela emithi yabo esebalindile.

Lolu hlelo luphinde ludle umhlanganiso ngenxa yokuthi yonke imithi ezolandwa ifakwa ezikhwameni ezingamapheshana afanayo, nokwenza omunye umuntu angazi ukuthi hlobo luni lomuthi owuphethe nanokuthi olwasifosini.

Lokhu kusiza ngokugwema ukukhishwa inyumbazana kwabantu ngenxa yezifo abanazo, nokuyinto esenzeka futhi eyishwa.

Empeleni, isiminyaminya ezikhungweni zezempilo sidalwa kakhulu yinani eliphezulu labantu abaphethwe yizifo ezingalapheki, nezijwayele ukubangwa phakathi kokunye wukungazivocavoci, ukudla okungenamsoco, kanye nezithathelanayo.

Kamuva nje bengihambele ezifundeni zasoThukela naseMzinyathi lapho uMnyango ubuyokwethula khona lolu hlelo luka-CCMDD.

Kuyasithokozisa ukubika ukuthi selokhu uhulumeni ethule lolu hlelo ngo-2014, phakathi kwabantu abangaphezu kwesigidi abasebenzisa imithi yezifo ezingathelelani kulesifundazwe sakwaZulu-Natal, balinganiselwa ku-495 776 asebehlomula ngalo ezikhungweni eziwu-558.

Isibalo salezizikhungo uMnyango uzosikhulisa sifinyelele kwezingu 748 -zimali ka-2017/2018. Cishe uyazibuza ukuthi ungahlomula kanjani kulolu hlelo? Kulula. Kufanele uye esikhungweni soMnyango wezeMpilo esiseduze nawe uyobhalisa, ukuze utshelwe ukuthi iyiphi indawo eseduze ongalanda kuyona imithi.

Kuphathwa umazisi noma incwadi yokunqamula amazwe (passport). Unikwa ikhadi elibhaliwe ukuthi imithi yakho ungayilanda nini.

Uzoshiya imininingwane yakho ukuze utshelwe ngomyalezo womqhafazo (SMS) uma imithi yakho isikulungele ukulandwa.

Iziguli ezingezukwazi ukuzilandela imithi zivumelekile ukushiya imininingwane yalabo ezifisa bazilandele yona.

Nonompilo bayakwazi ukuzilandela iziguli imithi bazihambisele emakhaya uma bebhalisiwe, futhi lokhu kuvunyelwene ngakho.

Nakuba uMnyango Wezempilo uthokoza ngokudlondlobala kwalolu hlelo lwe-CCMDD, lokhu akusho ukuthi umphakathi ungabe usazihambela izikhungo zezempilo ukuyothola ukuxilongwa okufanele kwenzeke noma umuntu engaguli.

Umnyango usazoqhubeka nomkhankaso wokusabalalisa lolu hlelo esifundazweni sonke, kanjalo futhi ufundise kabanzi umphakathi ngalo.

Uma unemibuzo ungashayela inombolo yamahhala ethi: 0800 070 070, noma uthumele umyalezo wokucela ukufonelwa (uPlease Call Me) kwethi: 073 161 7102.

***Nginifisela izilokotho ezinhle zonyaka omusha.***



UNgqongqoshe weZempilo KwaZulu-Natal uDkt Sibongiseni Dhlomo



**"Bonke abantu abaseduze nemitholampilo bazobhekelelwa ngokuthi bangalindi emigqeni emide, kodwa bavele baqonde emawindini akhipha imithi bafice amaphasela emithi yabo esebalindile."**

UNgqongqoshe weZempilo uDkt Sibongiseni Dhlomo

# UHULUMENI WESIFUNDAZWE UTHATHE IZINTAMBO KUMASIPALA WASEMANDLANGENI E-UTRECHT

SENZO MZILA

UHulumeni wesiFundazwe saKwaZulu-Natali uthathe isinqumo sokuthi uthathe izintambo kuMkhandlu waseMadlangeni.

Lokhu kwethulwe nguNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana kanye neziNdaba zoMdabu, uNomusa Dube-Ncube emhlanganweni abenawo namakhansela akuwo loMasipala.

Ngokubeka kukaDube-Ncube loMasipala ubusengozini yokuthi uwe bhu phansi njengoba ubekelwe umsebenzi wokuthi ulethe izidingo kwizakhamuzi.

Ukuhluleka kwako kwenze uHulumeni ukuthi akubone kufanele ukuthi athathe izinyathelo ezinqala njengoba amalunga omphakathi kuyiwona uHulumeni ekumele ngasosonke isikhathi ukuthi awavikele.

"Kuwumsebenzi wethu-ke siwuHulumeni ukuthi senze isiqiniseko sokuthi akukho nayinye inqinamba ephazamisa ukulethwa kwezidingo ngqangi kubantu.

Ingakho-ke singenelele lapha ngoba sifuna ukuthi ngaso sonke isikhathi abantu bakuthakasele ukuba izakhamuzi zoMasipala bethu" kusho Dube-Ncube.

"Phakathi kwezinkinga ebezikhungethe lomkhandlu ukulwa kwamaKhansela okuholele ekutheni kwezinye izikhathi kungalandelwa imithetho eyengamele oMasipala, kwagcina sekukwamachanca, kwampunz'endle mini.

Kube khona futhi nesigameko lapho kumiswe khona u-Municipal Manager kwaqashwa omunye ukuthi abambe isikhashana, kodwa ebe engenawo amaphepha ngokwemfundo amgunyazayo ukuthi angakwazi ukuthi abambe kulesikhundla esiphezulu kangaka".

"Kuphinde kwaba nezikhathi kuloMasipala lakhona izidingo ngqangi zingasahlinzekwa ngendlela efanele nokuthi uMasipala ubesencupheni yokuthi ulale ngesisu okuyinto engeke siyivumele" kuqhubeka uDube-Ncube. Umnyango kaDube-Ncube usuqoke ozoba iso lika Ngqongqoshe uMqondisi (Administrator). Ngokuka section 139 1 (b) woMthetho sisekelo.



*UNgqongqoshe weZokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZobuHoli BeNdabulo, uNomusa Dube-Ncube*

Lona-ke uzobanamandla okuqikelele ukuthi konke okwenzakalayo kwenzeka ngendlela esemthethweni aphinde futhi aqinisekise ukuthi lenqola enguMasipala waseMadlangeni iyabuyela emzileni.

UDube-Ncube uphinde wagcizelela ukubaluleka kokuthi amakhansela asebenzisane kanye nomqondisi othunywe kuloMasipala njengoba ukuphindiselwa kwawo loMasipala esimweni esihle kuyinto uHulumeni afuna ukuyibona yenzeka khona maduzane.

# Uqeqesho lwamakhansela amasha luyaqhubeka

Uhlelo esikholelwa ukuthi uma sonke singasebenza ngokubambisana ukulandela imiyalelo yalo, singabona olukhulu ushintsho koMasipala bethu.

UMnyango wezokuBusa ngokuBambisa kanye neziNdaba zoMdabu oholwa nguNgqongqoshe uNomusa Dube-Ncube, uyaqhubeka nezinhlelo zoqeqesho, ezibhekiswe kumakhansela asandokungena esikhundleni njengoba siphuma okhethweni lwezoHulumeni basekhaya.

Loluqeqesho, lusiza amakhansela ukuze abe nalo ulwazi ngemithetho elawula ezoMasipala, yizwe kanye nezobuHoli bendabuko.

Ngokusho kukaDube-Ncube "SinguHulumeni sinohlelo lolu lweBack to Basics lapho sithi khona koMasipala azibuyele emasisweni.

Ukuthi oMasipala abenze lokhu okungumsebenzi wabo. Ukuze loluhlelo lube yimpumelelo sidinga ukuthi amakhansela ethu abe nalo ulwazi olwanele mayelana nemithetho ekumele ilandelwe ukuze uMasipala usebenze ngendlela efanele futhi angeke saphumelela ngaloluhlelo uma amaKhansela ethu engenawo amakhono" kusho uDube-Ncube.

Enkulumweni yakhe uDube-Ncube ayethule eThekwini, kuyo lengqungquthela ebihanjelwe ngamakhansela angaphezu kwamakhulu amane (400), uDube-Ncube ukhuthaze ukuthi onke amakhansela asebenzele imiphakathi yawo ngokukhulu ukuzikhandla, kungabi khona umuntu ozosebenzelanje ukuthi ahole kodwa kube ngenxa yothando lomphakathi wabo abawuvotele.

"SinguHulumeni asiwafuni nhlobo amakhansela azosebenzela izisu zawo kodwa sifuna abantu abangabaholi abaqotho abakuqondayo ukuthi lomsebenzi wabo, uyithuba labo ukuthi bathuthukise impilo yezakhamuzi zethu" kuqhubeka uDube-Ncube.

Umnyango kaDube-Ncube uzophinde usingathe inqgungquthela lapho bonke oMasipala besiFundazwe bazozibophezela kabusha ekutheni bazosebenzela ukuqinisekisa ukuthi zonke izakhamuzi ziyayithola intuthuko.

Ngokusho kukaNzwakele "lengqungquthela ezobe ingoLwesihlanu umhlaka 27 January, kuzobe kuvuselwa uhlelo lolu olwethulwa ngonyaka ka2015, lapho sathi koMasipala abagxile kulezizinto okulindeleke ukuthi zenziwe yibo, izinto ezisobala nokulula ukuzenza, kuphela nje abantu uma bewuthanda umsebenzi wabo.

Uhlelo esikholelwa ukuthi uma sonke singasebenza ngokubambisana ukulandela imiyalelo yalo, singabona olukhulu ushintsho koMasipala bethu".

Kulengqungquthela kuzobe kubukwa ibanga esesilihambile kwezoHulumeni baseKhaya, futhi sizozibophezela kuloluhlelo ukuthi ilona esosebenza silulandela ukuze siguqule isimo esingesihle kwabanye boMasipala bethu.

Lomhlangano uzobe uthanyelwe phakathi kwabanye, amalunga e Khabhinethi eholwa uNdunankulu wethu ubaba u Willies Mchunu, iPhini likaNgqongqoshe wezokubusa ngokubambisana nezindaba zomdabu u Andries Nel obhekele oHulumeni basekhaya, iziMeya amaKhansela naMakhosi aseNdlunkulu njalo-njalo.

Phakathi kwezinto esozibophezela kuzo:

- Ukuletha intuthuko esezingeni eliphezulu nokunakela ingqalasizinda esuke ilethwe nguMasipala ukuze ingafadalali.
- Ukuqinisekisa ukuphathwa kwezimali zomphakathi njengezikhali zamaNtungwa.
- Ukuxhumana nemiphakathi yethu ngasosonke isikhathi sikhuluma ngezinhlelo zentuthuko.
- Ukwandisa isibalo soMasipala bethu abathola imibiko engena gcobho.







> "Kuphinde kwaba nezikhathi kuloMasipala lakhona izidingo ngqangi zingasahlinzekwa ngendlela efanele nokuthi uMasipala ubesencupheni yokuthi ulale ngesisu okuyinto engeke siyivumele."

UNgqongqoshe weZokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZobuHoli BeNdabulo, uNomusa Dube-Ncube

# UNGQONGQOSHE UJABULE NGEMIPHUMELA

**Kuyangithokozisa ukubona imiphumela emihle kangaka iphuma ezikoleni ezisendaweni yasemakhaya. Ngiyaziqhenya ngalezi zikole ezitshengise ukuzikhandla zenza kangcono ngonyaka ophelile.**

**NOSIPHO NDABA**

Uzwakalise injabulo uNgqongqoshe wezeziMali KwaZulu-Natal, uNkk. Belinda Scott, ngemiphumela ezuzwe ngabafundi bebanga leshumi ezikoleni zaseMgungundlovu.

UNgq. uScott, njengoMphathiswa wesiFunda uMgungundlovu, ubehambisana nethimba lesiShayamthetho ngaphansi kohlelo lokuhlola ukusebenza kwezikole mhla zivulwa.

Baye ezikoleni ezikhethiwe kulesi siFunda bezoqinisekisa ukuthi ukufunda kuqala ngendlela efanele, futhi basize ukugudluza izihibe ezingaphazamisa ukufunda kwabantwana.

"Kuyangithokozisa ukubona imiphumela emihle kangaka iphuma ezikoleni ezisendaweni yasemakhaya. Ngiyaziqhenya ngalezi zikole ezitshengise ukuzikhandla zenza kangcono ngonyaka ophelile," kusho uScott. Izikole ezihanjelwe ngaphansi kwalolu hlelo iLuthando High School, esebenze ngokuzikhandla kulo nyaka ophelile yakwazi ukuphumelela ngo100%, iSiyazama Secondary School ephumelele ngo 90% kanye ne-Imvunulo Secondary School ephumelele ngo 74%. Kuphinde kwavakashelwa iTrustfeed Primary, i-Albert Falls Primary, uMvuzo High School kanye neNdala High School.

Ezinye zalezi zikole zinengqalasizinda eseqopheleni eliphezulu okukhombisa ukuthi uHulumeni useqalile ukuphucula ezemfundo kulesiFunda.

"Siqaphelile ukuthi othisha basebenze ngokuzikhandla nemiphumela iye ngokuba ngcono kulo nyaka odlule.

Kuyakhuthaza ukubona imiphumela ithuthuka kangaka. SinguHulumeni sizimisele ukubeseka othisha ukuze kuthuthukiswe ezemfundo.

"Sizwile futhi ukuthi othisha basebenza ngaphansi kwezimo ezinezinselelo ezehlukene. Sizoqhubeka njengoHulumeni wesifundazwe singenelele lapho kudingeka khona ukuze siqhubeke nokwenza ngcono izimo ezikoleni.

UScott uzwakalise ukukhathazeka ngengqalasizinda kwezinye zalezi zikole. Wethulelwe nemibiko yobugebengu obusemphakathini obukapakela kuzo izikole kuphazamise ukufunda; ukucekelwa phansi kwempahla yesikole kanye nabantwana abasebenzisa izidakamizwa notshwala.

UScott uphakamise ukuthi izikole zimeleleke kuma-War Room ukuze izinkinga zazo zibikelwe iminyango efanele kuqhanyukwe nezisombululo. Lena yindlela esheshayo nelula yokubhekana nezinye zezinselelo.

IMeya yaseMgungundlovu District, uNkk. Thobekile Maphumulo, uhalalisele iKlasi lika2016 wathi ukulungele ukweseka izikole ezivakashelwe ngalolu suku ekulungiseni izingqinamba ezibhekene nazo.

Uqinisekise nokuthi zizolungiswa ngokushesha.

Umholi wethimba lesiShayamthetho, uMnuz. Zibuse Mlaba, uthe ithimba livakashele izikole eziyimikhakha emithathu - ezingenzanga kahle, ezenze ngokusesigabeni esiphakathi nendawo kanye nezenze kahle kakhulu. Ithimba liqale eMpendle, laya eMshwathi, eMsunduzi kanye naseRichmond.

"Besifuna ukuqinisekisa ukuthi unyaka ka 2017 uqala kahle kwezemfundo KwaZulu-Natal. Senza konke okusemandleni ukuthuthukisa imiphumela uma kuphela unyaka. Sifuna ukuthi uma kuphela unyaka, abafundi bakwazi ukuthola imiphumela emihle baqhubekele emzaingeni aphakeme," kusho uMlaba.



***IMVUNULO HIGH SCHOOL:*** *Ilunga lesiShayamthetho eKomidini lezeMfundo uMnuz. Zibuse Mlaba, iMeya yaseMsunduzi uKhansela Themba Njilo kanye noNgqongqoshe wezeziMali uNkk. Belinda Scott bebonisana ngombiko wengqalasizinda kulesi sikole.*



*LUTHANDO HIGH SCHOOL: IMeya yaseMpendle uKhansela Sizwe Ndlela, iMeya yaseMgungundlovu District uKhansela Thobekile Maphumulo kanye noNgqongqoshe wezeziMali, uNkk. Belinda Scott bebonisana ngezixazululo zezingqinamba ezibhekene nalesi sikole.* ***Izithombe: NOSIPHO NDABA***

# Abantwana badinga ukudla okunomsoco ukuze benze kahle eziFundweni zabo

**PHUMZANI NDLANGAMANDLA**

Ukuphela ngempela kwamaholide kaKhisimusi kubonakale ngempela ngesikhathi UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali uMnu uThemba Mthembu eHambele eKucabangeni kwesinye sezikole zase Nquthu. Kuse ngokunye kubafundi ukuthi sezisukile, umsebenzi wokufunda sewuqalile futhi. Kuloluhambo lwake uNgqongqoshe ukhulume kabanzi ngokubaluleka kokuthi abafundi bathi besezindlini zokufundela zibe nasezisweni kukhona okukhona.

Kulokhu ugqugquzele ukudliwa kokudla okunempilo ezikole ngohlelo olulethwa uhulumeni oluqinisekisa ukudla kwabafundi ezikoleni. Kwezinye izindawo, iningi labafundi liphuma emakhaya antulayo okwenza kubebukhuni ukuthi bakhulule wonke umfutho wabo babambe kalula nasezifundweni zabo. UMthembu ugqugquzele ukuthi izikole ukuba ziqinisekise ukuthi ukudla abaziphakela abafundi kube okunomsoco, ikakhulukazi imifino nezithelo. UMthembu ubekhuluma kulesisikole ngosuku lwesibili izikole zivulile. Lokhu ukwenza kungakapheli masonto mangaki ekade ekhona kulesisiFunda njengoShampyeni ukuqinisekisa ezokuphepha ngesikhathi samaholide. UMvelase namalungu eSishayamthetho esiFundazwe bahambele izikole zoMzinyathi ngokujutshwa nguSomlomo weSishayamthetho uLydia Johnson ukuyobheka ukuvulwa kwezikole nokuthi zikulungele kangakanani ukuqala ukusebenza. Isimo besisibi kakhulu kulesi sikole njengoba kubikwa ukuthi sike sahlaselwa yisiphepho nyakenye ngo Novemba nalapho kwaphephuka uphahla kwamanye amagumbi okufundela kanye namahhovisi othisha. Ngesikhathi kuhanjelwe kulesisikole umsebenzi wokulungiswa kophahla endlini ehlala othisha ngesikhathi somsebenzi besekusemaphethelweni.

Lesisikole sinezindlu zokuhlala othisha khona ngaphakathi egcekeni nokuyinto abahlonishwa abafike bayihlaba kakhulu ngokuthi ingase ihole ezenzweni ezingamukelekile zokusebenziseka kwabafundi ezintweni ezingathinti abakuzekile, izinto ezifana nokuhlanza izindlu ezihlala othisha nokunye. Kanti phela kumanje kuno daba oluthinta lesisikole ngesimo esithi asifane nezibaliwe olusezithebeni zenkantolo.

Bekumapeketwane egumbini lokugcina izincwadi njengoba uNyambose oyiSekela likaThishanhloko ethe kwagqekezwa ngoZibandlela wonyaka ophelile. Okunye okufike kwathusa kakhulu ukufika egumbini lokufundela ebelinabafundi bebebaningi ngokweqile ngengoba bebevile ekhulwini (100) nokuyisimo esingemukelekile noma ngabe kwenzenjani.

Abahlonisiwa babuye bahambela naseMzilankatha High School nokuyisikole esingenzi kahle ngemiphumela kamatikuletsheni.

Kucacile ukuthi lokhu kungenxa yokungabibikho kobidlelwano obuhle kothisha bebodwa ngokunjano phakathi kothisha nomphakathi. USikhwana wesigungu esengamele isikole eKucabangeni uMnu uNtokozo Buthelezi ukhale ngobudlelwano obungebuhle phakathi kwalesigungu nothishanhloko kanye nabanye bothisha. "Inkulu inselelo esibhekene nayo futhi imiphumela yayo yile eniyibonayo.

Akuxhumaneki futhi akusebenzeki nomphathi, into exakayo ukuthi lesisikole sinezikhwama ezimbili zasebhange, esingazi-ke ukuthi ngubani ophethe amandla kulesi esinye ngoba thina sisodwa esisebenza ngaso", kwenaba uShenge. Eqhubeka uthe nesigungu esandulele bona besinenkinga efanayo ngothishomkhulu. Uthe isikole basifice sikweleta osomathenda imali engaphezu kuka R300 000 nokuholela ekutheni ukudla kwabantwana kungabi okugculisayo njengoba izithelo bezizwa ngendaba. UNgqongqoshe uMthembu uthe:

"Ngikholelwa ekutheni zizophuthunyiswa izinhlelo zokuqala phansi isakhiwo salesikole ngoba ngingasichaza njengento engekho.

Kufanele niqikelele ukuthi izingane zithola ukudla okunomsoco njengezithelo nokusamifino ukuze bafunde benomdlandla", kwephetha uMthembu obuye wakhala ngokuthi imali uhulumeni uyayikhipha kodwa abaphathi balesikole bayahuleka ukuyisebenzisa ngendlela efanele.



**"Siqaphelile ukuthi othisha basebenze ngokuzikhandla nemiphumela iye ngokuba ngcono kulo nyaka odlule."**

UNgqongqoshe wezezimali, uNkk Belinda Scott

# ISILO SIFUNA AMABUTHO AVIKELE OGOGO NABANTWANA

TALENT BUTHELEZI NOSTHEMBISO SHANGASE

Amabutho ka 2016 uNgalonde noDlondlwane anejoka lokuvikela isizwe ikakhulukazi isifazane nabantwana ezinswelaboyeni ezibahlukumezayo.

Lamabutho abuthwe ngenyanga edlule esigodlweni eNyokeni KwaNongoma enyakatho yeKwaZulu Natali ngesikhathi kugujwa uMkhosi Woselwa wezi 2016, athathe izifungo zokuthi soze aba nesandla ekudlwengulweni kwabobonke abantu.

UMnyango Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali uholwa ungqongqoshe wawo uNkk Bongiwe uMaSithole Moloi ngokubambisana neminye iminyango kanye neNdlunkulu kaZulu, ukuthakasele ukuthathwa kwesifungo salolulobo.

Ungqongqoshe uMaSithole Moloi uthi uMkhosi Woselwa uwuhlelo oluhambisana nesiko lokukhulisa abafana ukuze babe yizinsizwa namadoda aqotho ngomuso njengalokhu kwenzeka uma kubuthwa izintombi zikhuliswa zigcine seziphatha umhlanga emkhosini wazo waminyaka yonke. “Lomkhosi sifisa ukuthi udlondlobale ube sezingeni elilinganayo noMkhosi Womhlanga nangaphezulu” Kuchaza uNgqongqoshe uSithole Moloi.

Isilo Samabandla sithi sifuna ukuthi inhlonipho iqale emabuthweni bese iya kuwona wonke umuntu ngoba vele izintombi sezihamba phambili ngokuziphatha kahle.

Ungangezwe ubuye wacela emathongweni esizwe ukuthi kube khona imvula eyenele ukuthi kukhule utshani emadlelweni emfuyo, kumile nasemasimini kuphinde kube namanzi anele isizwe.

Izinsizwa zifundiswe ngenhlonipho, ukuziphatha, ukubaluleka kwemfundo nokugcina ama siko.

Isilo siphinde sasebenzisa umkhosi ukukhuza ichilo lokuqonywa kwamakhehla yizingane ezincane kanye nokuqonywa kwezingane omama abadala ama blesa namablesakazi.

Isilo sibuye sadonsa ngendlebe amabutho ukuthi apheze ukuhuqana nezidakamizwa nokunkunkana notshwala ngoba lokho kuwumbulalazwe.



# UNgqongqoshe ufisa kume ukwebiwa kwemikhiqizo yamaciko

STHEMBISO SHANGASE

UNgqongqoshe Womnyango Wezobuciko Namasiko uNkk Bongiwe Sithole Moloi uxoshise owanqoba umqhudelwano womculo u Noma Khumalo kanye namanye amaciko abemele lesifundazwe iKwaZulu Natali kulomcintiswano.

UNoma Khumalo wase Pietermaritzburg ushiye phansi ubuthishela waduma nevuso lakhe lokuthanda ukucula.

Umnyango Wezobuciko ubambisene nomasipala omkhulu uMgungundlovu kanye nowendawo uMsunduzi bahlanganise isidlo sakusihlwa eMgungundlovu lapho kuhlonishwe khona kwaphinde kwabongelwa lentokazi yakoMbulazi.

Phakathi kwabatheleke kulelidili lakusihlwa bekhona nowaphuma isibili kulomcintiswano uThami Shobede yena odabuka eMtubatuba, uSanele Mkhize noNosihe Ndabezitha.

UMbhishobhi oyibhimbi eladla umhlanganiso ngokuba yibhimbi eliwahlule onke amaciko angowezi 2016 ngokubhimba waze wazuza indondo ebazwe ngokhuni ubekhona naye waxoshiswa ngokuthile. UMaSithole-Moloi uthi amagalelo esifundazwe kwezobuciko agqame nakakhulu kulonyaka. “Siyaziqhenya ngawe Mzilikazi kaMashobane ngokukhuphula igama lesifundazwe ulibeke ebalazweni lomhlaba ngokunqoba lomqhudelwano”, kusho uNgqongqoshe.

Ungqongqoshe usebenzise lelithuba ukucela abantu ukuthi bapheze ukudla amandla amaciko ngokuzicaphunela umculo nomsebenzi wabaculi.

UNkk Sithole Moloi ugcizelela ukuthi kuthengwa umsebenzi osemthethweni wamaciko ukuze akwazi ukuziphilisa.

Uthi ukuze unqobe kubiza ukuthi uphume esixukwini njengoba kwenze uNoma ovele waphuma wathi qekelele nokuyikho okumakhele ugazi lokuthi athole ukwesekwa ebantwini nasemajajini.

Ungqongqoshe ube esegixabeza uMbhishobhi ibhimbi lase Mzumbe ngesheke lezi R5000, kwathi uThami, Nosihe no Sanele baxoshiswa ngezi R10 000 umuntu omunye kwazothi uNoma wagixabezwa ngezi R20 000.



*UNgqongqoshe uMaSithole-Moloi noMeya uNjilo kanye so Sanele no Noma.* ***Isithombe: LUNGILE CHILI***

Esezibongela uNoma Khumalo osevele ene CD elisha elisihloko esithi JOY, uthi uyise ubengayizw aindaba yomculo kodwa efuna ahambise phambili imfundo.

“Namanje ngiyavumelana nombono kababa othi imfundo phambili ithalente liyalandela” kusho uNoma Khumalo obechichima injabulo.

Lomzwilili waseMgungundlovu ubonge bonke abantu bawesekile kulomgqigqo obungelula neze.



**“Siyaziqhenya ngawe Mzilikazi kaMashobane ngokukhuphula igama lesifundazwe ulibeke ebalazweni lomhlaba ngokunqoba lomqhudelwano”**

UNgqongqoshe wezamaciko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi

# UMTHEMBU UHAMBELE EMZINYATHI UKUYOQINISA UKUSEBENZA KOMTHETHO

**PHUMZANI NDLANGAMANDLA**

Umkhonto ubhajwe enxebeni kwabayizephula mithetho yomgwaqo ngamaholide kaZibandlela ngesikhathi kunokhukhulela-ngoqo wezivimbamgwaqo obuholwa nguNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali uMnumzane uThemba Mthembu.

Ukwenza kwakhe lokhu kungenxa yokuba ushampeyeni wesiFunda soMzinyathi njengoba ebhekelele konke ukulethwa kwezidingo emphakathini.

Njengoba bekuyisikhathi samaholide Inhloso bekuwukuqinisekisa ukuphepha emigwaqweni yengxenye yesiFundazwe njengoba oNgqongqoshe abehlukene bebephume inqina ze kuqinisekiswe phakathi kwezifunda ezahlukene ukuphepha.

Lomkhankaso uqale ngokuvakashela isikhumulo samatekisi esisenkabeni yedolobha laseNdumeni ukuyoqwashisa abashayeli nabagibeli ngezingozi zomgwaqo kanye nokubaluleka kokuziphatha kahle emigwaqweni ukuze bephephe. UNgqongqoshe ubuye wanikeza abagibeli amaphepha aqukethe amalungelo abo njengokuthi bangavumi ukugibela emotweni engekho esimeni esigculisayo, egcwele ngokweqile, ukukhuza umshayeli uma eqisa ejubaneni okanye uma eshayela edle amankwebevu. “Sikhathele yizingozi emigwaqweni, namhlanje size lapha ukuzo qwashisa ngezingozi ngoba sifisa ukunibona nonke niphephile nasonyakeni ozayo”, kusho uMthembu.

UMthembu ubehambele eMzinyathi njengomholi owengamele lesiyasiFunda ngokohlelo lwe- Operation Sukuma Sakhe. UMvelase ubhekanise kulendawo nethimba lemiNyango ehlukene ngokubambisana namaphoyisa omgwaqo aqhamuka ezinhlakeni ezahlukene, omasipala, awesiFunda kanye nakaZwelonke.

Umasipala waseNdumeni ubambe elikhulu iqhaza njengoba ubuphume ngezinkani uholwa kanye nobuholi bukamasipala wase Ndumeni okubandakanya neMeya yawo uKhansela uSiboniso Mbatha okhombise intshisekelo enkulu njengoba amaphoyisa angaphansi kwaloMasipala ebehamba phambili ekuseshweni kwezimoto kwezinto ezinjenge zikhali, izidakamizwa ezingekho emthethweni, kanye nokubheka lezo ezingekho esimweni esilungele ukuba semgqaqweni ngaphansi kweSifunda uMzinyathi.

Okubalulekile ngokusebenzisana kwalezizinhlaka zezokuphepha kube ukusebenzisana ngomgomo owodwa wokuqinisekisa ukuphepha emphakathini ikakhulukazi kulabo abasebenzisa umgwaqo, ikakhulukazi ngesikhathi samaholide. Ukubasemgwaqeni nokuthuthwa komphathi ngezinqola ezingekho esimweni esilungele kungenye yezimbangela zezingozi



*Usihlalo wekomiti lezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya emekula ibhukwana kuNgqongqoshe uThemba Mthembu elikhuluma ngokuphepha emgwaqweni, lapha wayengayona ingxenye yalo mkhankaso, kepha umshayeli njengabanye abamiswa esivambamgwaqeni kuR602*

emigwaqweni yakuleli, kuba kubi kakhulu futhi uma umshayeli noma ohamba ngezinyawo edle izidakamizwa noma utshwala bese esebenzisa utshwala noma izidakamizwa. Kusukwe lapho kwayiwa emzileni ongu R602 phakathi kweNdumeni noMnambithi ngaselokishini iSithembile. Kuthe kusenjalo lelithimba lika Ngqongqoshe lazithela phezu kwemoto ebilayishe inkomo nesiklabhu. Lokhu kuphoqe ukuba amaphoyisa ayibuyisele eceleni ahlole amaphepha emvume yokuthi imoto ithwale imfuyo njengoba kumele umshayeli nemoto igunyazwe ukwenza lokhu, kepha umshayeli walemoto akakwazanga ukukhipha okulindelekile, lokhu kuholelele ekugixabezweni komshayeli ngethikithi lokwephula umthetho wokwethwala imfuyo emgwaqeni.

Kubesekuphoqa ukuba imiswe kuze kube bathola imvumo lapho ithengwe khona njengobufakazi bokuthi ayebiwe. Lokhu kumthinte kakhulu umhlonishwa njengoba umNyango awuholayo wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya usebenza ngokuzikhandla ekunqandeni ukushushumbiswa nokuthuthwa kwemfuyo ngaphandle kwemvumo.

Enye yezimoto azibambele mathupha kuzo uMvelase kube imoto ebihamba ngaphandle kwediski, lokhu kwenze kwacaca ukuthi ihamba emgwaqeni ngaphandle kokuthela okwenza ibenemvume yokusebenzisa umgwaqo. Nayo ngokunjalo ibe isigixabezwa ngelishisayo ithikithi lokwephula umthetho womgwaqo.

Okunye okunothisekile izinto ezifana nezimoto ezisebenzisa amadiski anemininingwane engaqondile, kwesinye isigaba kutholakale itekisi enediski ekhomba ukuthi yona imhlophe ekubeni umbala wayo ubomvu phezu kwalokho nemvume yokuthwala umphakathi ayinayo.

Lokhu kuphoqe abakwasidlodlo ukuba bangayivumeli ukuba idlule ukuze kuhlolisiswe imvume yayo yokubo emgwaqeni.

Echaza umshayeli uthe lelitekisi belisuka eVryheid lilibangise eBethlehem ukuyolanda umshado, kube sekuphoqa ukuba uMvelase ngokubambisana namaphoyisa balusingathe ngendlela efanele udaba lwayo ngokulandela imigudu elandelwa ngamaphoyisa omgwaqo. UMvelase ubengagcini nje kuphela ngokuhlola izimoto okanye abashayeli kodwa nabagibeli ukuthi balifasile yini ibhande aphinde anikele ngezihlalo zasemotweni zokuhlala izingane lapho kutholakala ingane ingenaso.

Ngenxa yokuzinikela kulokhu nokusebenza ngokungakhethi nokulingana, kubuye kwajinywa nemoto kaSihlalo weKomidi lePortfolio lomNyango wezoLimo uNkkz uGugu kaSimelane Zulu nayo yahlolwa njengezinye ngaphandle kokwenzelela kodwa watholakala emsulwa nemoto yakhe isesimeni esigculisayo.

Lokhu kuveze ngokusobala ukuthi uMvelase njengoShampyeni walesisifunda uyakuqinisekisa ukulingana kwamalungelo omphakathi njengokusho uMthethosisekelo ngokulingana kwabantu emehlweni omthetho.

# Kukhuthazwa umphakathi ukuba uhlolelwe inhlabathi yokulima

**SIMPHIWE NDWANDWE**

**ABANTU** abaningi uma kuqala unyaka bavamise ukuzibekela imigomo ngezinto abafisa ukuphumelela kuzo ngalowo nyaka osuke uqala. Abanye baye bazinikele ekutheni kulowo nyaka bazoyeka ukudla izicoficofi bese beyazivocavoca ukuze bekwelwe yisisindo somzimba.

Kanti abanye basho nokusho ukuthi lowo nyaka oqalayo wunyaka wabo wenkululeko kwezezimali noma bazimisele ukusungula amabhizinisi abawathandayo, abanye-ke bazethembisa ukuthi nakanjani bazothola omaqondana abazoshada nabo.

Ngakolunye uhlangothi abantu abasemkhakheni wezolimo nabo uma kuqala unyaka bayazibekela imigomo mayelana nalokho abafuna ukuba bagxile kukho ngalowo nyaka omusha.

Kuye kuthi umlimi aziwa ukuthi ulima ubhatata kuthi uma kuqala omunye unyaka bese ezibekela umgomo wokuthi kulowo nyaka uzoke athi ukuhlaba ikhefu emkhiqizweni abejwayele ukuwusebenza bese egxila komunye, mhlawumbe afune ukutshala amazambane.

Konke lokhu kusuke kusafana nje namaphupho kodwa okuyikhona okubalulekile ukuthi zinyathelo zini umlimi azithathayo ukukhombisa ukuthi uzimisele ngempela ukushaya ngonyawo olusha enyakeni oqalayo.



*UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya uMnz Themba Mthembu esikhungweni socwaningo esise Cadara lapho kuhlolwa khona umhlabathi nokunye ukusiza abalimi.* ***Isithombe:*** ***MBUYISELO NDLOVU***

Kulokhu uMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi KwaZulu-Natali uye uthande ukuba unikeze izeluleko ikakhulukazi kubalimi abanjongo yabo ukushintsha imikhiqizo abayitshalayo.

Isikhungo esihlola inhlabathi yokulima esizinze enhloko-hhovisi yalo Mnyango e-Cedara sihlezi simi ngomumo ukuba semukele izicelo zalabo balimi abafisa ukugxila emikhiqizweni ethile njengalokhu kusuke kuqala unyaka.

UMnyango ugcizelela ukuthi ngaphambi kokuba umlimi afake uhlamvu enhlabathini kudingeka ukuthi aqale ngokuwuhlola ukuthi ngabe ukulungele yini ukuba kutshalwe kuwo lolo hlobo lwesitshalo.

Ubuchwepheshe okusetshenzwa ngabo ukuhlola umhlabathi kusezingeni eliphezulu futhi ukufaka isicelo akuhambisani nemicikilisho eyisidina.

Okusemqoka ukuthi umlimi ayazi imigudu okumele ayilandele lapho efaka isicelo sokuhlolelwa umhlabathi.

Isinyathelo sokuqala ukuba umlimi ashayele ucingo isikhungo sakwa-Soil Science esihlola inhlabathi ukuze athole imininingwane mayelana nemigudu okufanele ayilandele. Okunye angakwenza ukuvakashela ingosi yoMnyango kwi-Internet lapho engathola khona usizo mayelana nezinhlobo zocwaningo oluthinta inhlabathi olwenziwayo.

Athi eshaya ucingo abe esazi ukuthi yimiphi imibuzo azoyibuza ngokulawulwa yilokho asekufundile engosini.

Isinyathelo esilandelayo kuba ngesokulanda amaphakethe okufaka inhlabathi bese kugcwaliswa amafomu aqukethe yonke imininingwane ehambisana nesicelo sokuhlolelwa umhlabathi.

Okumele bakuqonde abalimi ukuthi kunemali ekhokhwayo ukwenza lo msebenzi.

Uma esekhokhile umlimi wahambisa amafomu kanye nenhlabathi asuke eyikhe endaweni lapho ezolima khona kudingeka alinde isikhathi esiyizinsuku eziyishumi zesikhathi somsebenzi ngaphambi kokuba kubuye imiphumela.

UNgqongqoshe walo Mnyango uMhlonishwa uThemba Mthembu uthe abalimi basezindaweni zasemakhaya bayelulekwa ukuba bazisebenzise lezingoba ziqondene nabo.

Ukubaluleka kokuhlolelwa inhlabathi yokulima kuyagcizelelwa kakhulu ngenxa yokuthi izimo zemvelo ziyaguquguquka futhi ukunukubezeka kwenhlabathi kudala ukuthi izitshalo ezenziwe endaweni engalungile zifekele.

Kuyabaluleka-ke ukuthi umlimi azi ukuthi umhlabathi wakhe unaziphi izifo noma ama-acid abucayi angahambisani naziphi izitshalo.

Sekuyinsakavukela umchilo wesidwaba ukuthi abalimi, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya, bathande ukutshala umbila.

Kanti bawutshala nje umhlabathi wabo sewonakala ukuba usengaqhubeka ukhiqize umbila omuhle njengalowo ababewuthola ekuqaleni.

Yingakho kuze kuhlongozwe ukuthi abalimi kumele bashitshashitshe imikhiqizo emhlabathini ukuze uhlale uvundile ngaleyo ndlela bathole isivuno esihle.

Mayelana nemininingwane ethe xaxa ngokuhlolelwa inhlabathi kungaxhunywana nabakwa-Soil Science kulezi zinombolo ezilandelayo: Lisa Padayachee 033 355 9455/ Lisa.Padayachee@kzndard.gov.za Sbongile Shongwe 033 355 8226/ Sbongile.Shongwe@kzndard.gov.za

# ASIZAME UKUGWEMA IZINHLEKELELE KWEZOLIMO

■ Okumele umphakathi ukuqonde ukuthi kuyenzeka kube nomonakalo kepha ungahlonzwa njengenhlekelele.

**BRENDA MQWAMBI NO MFEKA MBUSO**



*Isomiso singesinye sezimo ezihlonzwa njenge nhlekelele embonini yezolimo.*

Miningi imikhakha umNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya kwaZulu Natali ebhekelene nazo ekusizeni abalimi nasekuqinisekiseni ukuba khona kokudla kulesisifundazwe.

UmNyango uphinde ubhekane nomsebenzi omkhulu wokubhekelela ukusiza ngezikhathi zezinhlekelele ezibhekane nabalimi. Kubalalwa izinhlekelele ezifana nesithwatha, isiqhotho, izikhukhula, izifo ezihlasela imfuyo nezitshalo, isiqhotho, isomiso nokunye. Lomsebenzi udinga ucwaningo olukhulu kanti uphinde udle nezimali ezinkulu uma kugcina kufike ekutheni abalimi noma abafuyi bagcine bethole usizo ngempahla yabo.

Okumele umphakathi ukuqonde ukuthi kuyenzeka kube nomonakalo kepha ungahlonzwa njengenhlekelele. Ngalokhu uMnyango uphuma imikhankaso yawo uyaye uwudlulise lomyalezo emiphakathini ukuze kwazeke ngaloluhlobo losizo olulethwa umphakathi uma sekufinyelele kulesosidingo.

UNgqongqoshe, uMnuz Themba Mthembu ukugcizelela kakhulu ukuthi abantu bakulesisiFundazwe esanda kubamba kulomNyango wakhuluma ngokusebenza nokubaluleka kwaloluphiko ekusizeni ngezikhathi zezinhlekelele. Lokhu wayekusho ebhekise kakhulu osizweni oluhanjiswe ilomNyango kubalimi ngesikhathi sesomiso

Eminyakeni eminingi edlule umNyango ubonakele ubamba ngobuchule udaba lokufa kwemfuyo ezindaweni ezifana nasebaQulusini, lapho abafuyi bagcina bezitholile izinxephezelo. Muva nje kuphinde kwabonakala wona lomNyango usiza abalimi bakulesisiFundazwe ngesikhathi lapho isomiso besidlange kakhulu ngasekuqaleni konyaka ka 2016 lapho imfuyo beyifa ubugingqigingqi.

Umphakathi uma ufaka izicelo zosizokubaluleki ukuthi ube nokuqonda ukuthi lolu angeke kube uhlelo olwenziwa ngokuxhamazela kepha kuningi okumele kubhekwe, njengokuthi iSishayamthetho lesosimo emva kocwaningo oselwenziwe ongoti emkhakheni othintekayo kwezolimo lesisimo singahlonzwa na njengenhlekelele.

Loluhlelo lwaqala ukusebenza kulomNyango ngonyaka ka 2002, lapho kwakuhlose kakhulu ekutheni kubhekelela abalimi abazithola belahlekelwe ngenxa yezinhlekelele. Imiphakathi iyanxuswa ukuba uma ngabe ihlangabezana nesimo lapho izithola khona ilahlekelwa ngokwemfuyo kanye nakwezolimo iyibike leyonkinga ukuze umNyango uzokwazi ukuthi uyibheke ebese ithola ukuthi sikhona yini isidingo sokuthi leyo miphakathi isizakale futhi ngayiphi indlela. Emva kwenhlekelele, umNyango uyaye uxhumane nabalimi ubazise ngendlela nemigomo ekuceleni isinxephezelo ngenxa yalesosimo esisuke senzekile.

Okunye okubalulekile ukuba abafuyi nabalimi bakwazi ukuthi isimo lapho kutholakala khona ukuthi kube nobudedengu kumlimi noma umfuyi ngasohlangothini lwakhe umNyango awuzinxephezeli izimo ezifana nalezo.

Kanti futhi noma isimo sesibikwe ngokusemthethweni, ukugcwaliswa kwephepha noma amafomu aphuma emNyanngweni akuqinisekisi ukuthi umlimi noma umfuyi usezonxephezelwa, kepha luningi uphenyo nocwaningo oluhambisana nesicelo ngasinye.

Okuhleze kugcizelelwa umNyango ukuthi uma umuntu efaka isicelo sesinxephezelo kubaluleke kakhulu ukuthi ofaka isicelo afaka imininingwane eyiqiniso njengoba ukwandisa isimo noma isbalo somonakalo kutolikwa njengokudukisa umNyango ngenhloso yokwenza inzuzo ngemali kahulumeni okumele ngabe isiza nabanye kwezolimo.

LomNyango usukwazile ukunika usizo imiphakathi eyakhahlamezeka ngenxa yemililo ebekhona ngonyaka ka 2000 kuya kunyaka ku2010, kusebenze imali elinganiselwa ku R20 million.

UmNyango usukwenze kwawumkhuba wawo ukuxwayisa abalimi nabafuyi uma kunezinkomba zokubheduka kwezifo ezilwaneni nasezitshalweni, lokhu ukuwenzela ukuba umphakathi ubenolwazi ngezimo ezingagcina ziholele enhlekeleleni. Imiphakathi iyanxuswa ukuba isebenzisane nabeluleki ukuthola usizo kulokhu, izinto ezifana nokunakekelwa kwemfuyo ngendlela, ukusetshenziswa kwemithi namakhemikhali avikela izitshalo, kuphinde kunxuswe imiphakathi ukuthi ipheze ukuba budedengu ngokuqala imililo engagcina ibhebhetheka, ingasanqandeki.

UmNyango ugcizelela ekutheni kubalulekile ukuthi umphakathi izame ukuvimbela izinhlekelele ukuba zenzeke ngoba ngalokho imfuyo, izitshalo, kanye nezakhiwo ziyavimbeka ekutheni zilimale, lokho kuyindlela engcono ngoba kwalona usizo olutholakala emNyangweni alube lusafinyelela kulokho osuke ulahlekelwe kona.

# Zivulwe ngaphandle kwezingqinamba izikole KwaZulu-Natal

**MBALI ZULU**

UMphathiswa weZemfundo KwaZulu-Natal, u Mthandeni Dlungwana, uvakashele izikole ezingaphansi kwesiFunda Ilembe ngaphasi kohlelo lesiShayamthetho saKwaZulu-Natali olubizwa nge School Functionality Monitoring.

UMphathiswa uhambele lesiFunda sase lembe ngengoShampeni waso ngaphansi kohlelo luka Operation Sukuma Sakhe. Ithimba lesiShayamthetho obekubalwa kulo noMphathiswa uDlungwana, beliholwa uSomlomo wesiShayamthetho, umama u Lydia Johnson.

Phakathi kwamalunga esiShayamthetho ekade ekhona kubalwa uMakhoni Ntuli obeshayela uhlelo, uMnu Steven Moodley, uMnu. Sbongiseni Dlomo, kanti bekukhona nabasebenzi boMnyango abaphuma enhloko hhovisi kanye nakwisiFunda iLembe, obekubalwa noMqondisi wesiFunda, umama u Thembi Vilakazi. Loluhlelo lokuvashela izikole oluholwa isiShayamthetho sa KwaZulu-Natali lwenziwa njalo uma kuvulwa izikole nokuyingxenye yomsebenzi wesiShayamthetho wokubheka ukusebenza kwezikole nokuqikelela ukuthi kuhamba kahle ezikoleni isiFundazwe sonke saKwaZulu-Natali.

ONgqongqoshe beminyango ehlukene bebevakashele zonke izifunda ngaphansi kwaloluhlelo.

Loluhlelo lubuye lusize nokuthola izizathu ezijulile kulezo zikole ezingenzanga kahle nokuyilapho kutholakala khona ikhambi ukuthi izikole zisizakale ukuze zithole imiphumela emihle ngonyaka olandelayo. Phakathi kwezikole ezihanjelwe yithimba ngosuku lokuqala lokuvulwa kwezikole kubalwa Ukukhanyakwezwe High School, Mankayiyana Primary School, Isifisosethu High School, Sbonginhlahla High School kanye neLethuxolo High School.

UKukhanyakweze High School ngaphansi kobuholi buka Nkk Thobile Makhunga, isikole esinabafundi abangu 337 kanti kwimiphumela yebanga leshumi yango 2015 senze kahle sathola u90%. ''Siyabonga ukuthi ezikoleni ezisemakhaya iyaphuma imiphumela emihle kangaka siyanxusa futhi ukuthi othisha baphinde bazikhandle nabafundi basebenze ngokhulu ukuzimisela ukuze futhi siyithole imiphumela efana nalena ngonyaka ozayo'' kubeka uMphathiswa u Dlungwana. Kuzozonke lezikole ezivakashelwe yithimba kulesiFunda, kuvelile ezinqinambeni ababhekene nazo nokungezinye zezimbangela zokungenzi kahle inkinga yezimpi zezigodi endaweni , kodwa okuthe ludingidwa udaba kwavela ukuthi selitholake ikhambi kwezinye izigodi awusandile lomkhuba ngenxa youkungenelela komnyango wezokuphepha.

“Kubalulekile futhi kuwumsebenzi weSishayamthetho ukuthi sazi ukuthi kwenzakalani ezokoleni, uMengameli uMnu Jacob Zuma wakubeka kwacaca ukuthi imfundo ibalulekile kakhulu yingakho wayibeka eqhulwini ngenxa yokubaluleka kwayo” Kusho uSomlomo uNkk Lydia Johnson.

UMphathiswa nethimba leSishayamthetho saKwaZulu-Natali baphinde bahalalisela uSabelo Nxumalo obengumfundi wase Lethuxolo High School ngokwenza kahle kumatikuletsheni wakhe lapho ebashaye amakhanda bonke ozakwabo.

“Ngiyajabula kakhulu ukuthi ngiphumelele kahle kakhulu nokuthi ngisitholile isikhala sokuyofunda eNyuvesi ya KwaZulu-Natali lapho ngiyokwenza khona izifundo ze B-com Accounting. Ngiyabonga kakhulu ngezipho eziphuma kuhulumeni ,” kuqhuba Sabelo.

Ngosuku lokugcina laloluhlelo uMphathiswa kanye nethimba leSishayamthetho babukeze konke abahlangabezane nakho kusuka ngosuku lokuqala lokuvulwa kwezikole, bathola izixazululo kwezinye zezingqinamba ezibikwe izikole, basebethembisa ukweseka izikole ukuze kuqinisekiswe ukuthi uhlelo lokufunda nokufundiswa kwabantwana luhamba kahle.

Imibiko ephuma kubobonke abaPhathiswa abawoshampeni beziFunda ezihlukene lubike ukuthi zivulwe ngaphandle kwezingqinamba izikole za KwaZulu-Natali.



**“Sikhathele yizingozi emigwaqweni, namhlanje size lapha ukuzo qwashisa ngezingozi ngoba sifisa ukunibona nonke niphephile nasonyakeni ozayo.”**

UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa Kwezindawo eziseMakhaya, uMnu Themba Mthembu



*UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnuz. Mxolisi Kaunda ehlola ibhasi elithutha izingane zesikole iFalaza High School kwaNongoma ngesikhathi ehambele izikole zasoLundi namaphethelo ngoLwesithathu umhla ka11 January kuvulwa izikole.*

Lesi sikole eminyakeni eyedlule besenza kahle njengoba ngo-2013 sathola amaphesenti angu-94 kwathi ngo-2014 sathola u-100%, sehla isibalo ngo-2015 sathola u-50% njengoba ngonyaka owedlule sithole 0%.

# UKAUNDA UKHUTHAZE ABAFUNDI KUVULWA IZIKOLE

**STHEMBILE LUTHULI NO NONHLANHLA NDWANDWE**

Ngaphansi kohlelo lukaHulumeni wesifundazwe lokuhambela izikole ukuyobheka izingqinamba ezibekene nezikole kanye nokugqugquzela lezo ezingenzanga kahle, uMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMxolisi Kaunda uhambele izikole ngaphansi kwesifunda saseZululand.

Ephelezelwa yithimba lesiShayamthetho, Kaunda uhambele izikole ukusukela Olundi ukuya ePaul Pietersburg ezenze kahle kwimiphumela kamatikuletsheni nalezo ezingenzanga kahle ukubheka izingqinamba eziholele kuleyo miphumela eziyitholile. Phakathi kwezikole ezihanjelwe kubalwa iNtathakusa, Kwasa, Kanyekanye, Siyazizamela nezinye.

Kuvele izingqinamba eziningi esikoleni iSiyazizamela lapho isikole singatholanga ngisho iphesenti elilodwa kumatikuletsheni obunabafundi abangu-9 sebebonke. Lapha kuhlaluke ukuthi inkinga enkulu ukuthi othisha abafundisa khona bayaphuza ukufika esikoleni basheshe bahambe ngenxa yenkinga yebanga elide abalihamba ngezinyawo ukuyofinyelela ezintweni zokuhamba nazo eziphela ngesikhathi esithile.

Phambilini labo thisha bebehlala ezindlini ezakhelene nesikole kodwa ngenxa yokudlanga kobugebengu endaweni baphoqeleka ukuthi bazishiye beyoqasha kwenye indawo engconywana ngobugebengu.

Lesi sikole eminyakeni eyedlule besenza kahle njengoba ngo-2013 sathola amaphesenti angu-94 kwathi ngo-2014 sathola u-100%, sehla isibalo ngo-2015 sathola u-50% njengoba ngonyaka owedlule sithole 0%.

Okufike kwammangaza uKaunda nethimba lakhe ukuthi esikoleni iKanyekanye kasinazo izinsiza-kufunda okubalwa namagumbi anele nasesimweni esikahle kodwa abafundi bakhona bakwazile ukuthola amaphesenti angu-85 ukuqhathanisa nawangonyaka ka-2015 lapho baba ngu-81%, bese kuthi esikoleni iKwasa lapho kukhona zonke izinsiza lesi sikole sehle saze safika kumaphesenti angu-36 ngonyaka owedlule ukuqhathanisa namaphesenti angu-42 ngonyaka ka-2015.

Ukhwele wadilika kuthishanhloko wakulesi sikole wathi: "Angeke nje sikwazi ukulalela izinganekwane zasemini zezingqinamba enithi nibhekene nazo.

Kumele njengomphathi wakulesi sikole ukusebenzise lokho ungavumeli ukuthi kwenzeke umathanda kodwa wena ukhona.

"Inkinga ebhekene nalesi sikole ukuthi umphathi waso akakwazi ukuqondisa izigwegwe kwabasebenza ngaphansi kwakhe ngenxa yokuthi kunoqhekeko olukhulu engilibona kulesi sikole ukuthi kukhona othisha abangafuni ukulalela imiyalelo kathishanhloko ngenxa yokubanga isikhundla sokwengamela lesi sikole," kusho uKaunda.

Leli thimba libuye lahambela isikole samabanga aphansi iNtathakusa esibhekene nezinselelo eziningi okubalwa kusona ukungabibikhona kukathishomkhulu isikhathi eside nokube nomthelela omkhulu ekusebenzeni kwalesi sikole njengoba izinsiza zingekho ngenxa yokuthi kunezinsolo zokuthi uthishomkhulu wavala i-akhawunti yasebhange nokwaba nomthelela wokuthi zingafiki izincwadi zabafundi.

Okunye kwaba wumthelela walokhu ukuvalwa kukagesi, izinsiza kufundisa kanye nokushaya phansi kwesigungu esilawula isikole ngokuthi yize uthishomkhulu ephume phambili emacaleni abebekwe wona yilesi sigungu kodwa abasamdingi emagcekeni esikole.

Phakathi kwala macala kubalwa ukungaphathi kahle abafundi abebahlukumeza ngokuthi bayomchithela umshobingo wakhe, ukuwotawota abafundi besilisa, ukukhokhisa abazali izimali abangazazi ukuze bathole imiphumela yezingane zabo kanye nokudla imali yesikole.

Leli thimba lidlulele eFalaza High School, lapho isikole singenazo izinselelo eziningi kodwa imiphumela kamatikuletsheni ibe mibi. Lokhu kwenzeke yize noma othisha befundisa ngokukhulu ukuzimisela, nokulihluphe kakhulu leli thimba njengoba lokhu sekwenzeke iminyaka emibili ilandelana.

Leli thimba libe nomhlangano nothisha nesigungu salesi sikole ukubheka izindlela ezingasiza ukwenyusa izinga lokuphasa kwabafundi bakamatikuletsheni.

Ukutheleka kwaleli thimba kwelekelele kakhulu njengoba uMnyango uzolibhekisisa udaba lokungabibikho kukathisha weMaths njengoba kuyiyona into okuvele ukuthi ilimaze kakhulu abafundi bakamatikuletsheni bakulesi sikole.



**"Inkinga ebhekene nalesi sikole ukuthi umphathi waso akakwazi ukuqondisa izigwegwe kwabasebenza ngaphansi kwakhe ngenxa yokuthi kunoqhekeko olukhulu engilibona kulesi sikole."**

UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda

# KUBUYISELE UZINZO UKUHAMBELA KUKA KAUNDA ESIKOLENI

Uma ngibheka izinsolo ezibekwa uthishomkhulu kusobala ukuthi lapha kusebenza ukuthi ubani ukuliphi iqembu.



*UMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMxolisi Kaunda ethula inkulumo enohlonze emphakathini waseMqadini emcimbini wokubuyiswa koBuntu obuhlelwe iNkosi uMqoqi Ngcobo ngeledlule.* ***Isithombe: ZINGISA HLATHI***

**NONHLANHLA NDWANDWE**

Ukhiphe isixwayiso esishubile uMphathiswa wezokuThutha, ezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda ngesikhathi kunomhlangano wokubuyisana phakathi kwesigungu esilawula isikole nothishanhloko eNtathakusa Primary KwaCeza.

Lokhu kubuyisana kulandela izinsolo ebezibekwe uThishanhloko uNks Buthelezi okubalwa kuzona ukuhlukumeza amalungelo ezingane ngokuthi azichithise umchamo wakhe, ukubabukela phansi ngoba bengafundile, ukuwotawotwa abafundi, ukudayisa amariphothi ezingane kanye nokudla imali yesikole.

Lezi zinsolo ziholele ekumisweni kukathishanhloko nokuthe ngemuva kokuphenya koMnyango wezeMfundo ngazo bangatholakala ukufakazi obubambekayo phezu kofakazi obekubalwa kubona abafundi kanye namalunga esigungu salesi sikole, uMnyango wabe usumbuyisela emsebenzini.

Lokhu kuhambela kukaKaunda bekungaphansi kohlelo lokahulumeni wesifundazwe ngaphansi kobuholi bukaNdunankulu uMnu Willies Mchunu lokuhambela izikole ukuyobheka izikole ezenze kahle kumatikuletsheni kanye nokukhuthaza lezo ezingenzanga kahle.

Lesi sigungu besishaya phansi ngonyawo sithi uMnyango wezeMfundo awubalethele omunye umphathi-sikole lona okhona ayiswe kwesinye isikole.

Ngaphambi kokuthi kubuyiswane imimoya ibiphezulu kumalunga esigungu sesikole abelokhu eqhubekile ngokusola uthishanhloko ngezinsolo ezingenhla abuye amsola ngokuba ngundlovu-kayiphikswa kanye nokuqhakambisa iqembu lakhe lezombusazwe ekuphathweni kwesikole.

UMphathiswa uKaunda unxuse lo mkhandlu wesikole ukuthi uyeke ukusebenzisa ipolitiki njengoba kuyiyona ehamba phambili kule ngxabano.

"Uma ngibheka izinsolo ezibekwa uthishomkhulu kusobala ukuthi lapha kusebenza ukuthi ubani ukuliphi iqembu. Shiyani ubuqembu ngaphandle kwamagceke esikole uma seningaphakathi kwesikole yenzani lokho okulindeleke ukuthi nikwenze. Angeke ngivumele ukuthi kwenzeke intando yenu ekubeni uMnyango ususikhiphile isinqumo sawo ngalolu daba," kusho uKaunda.

Akamshiyanga ngaphandle umphathi-sikole ngaphandle njengoba nakuyena ekhwele wadilika kuyena wathi akafunde indlela yokukwazi ukukhuluma nabantu. "Njengoba ukhuluma nje ngiyathola ukuthi inkinga nawe onayo ukuthi awukwazi ukukhuluma kahle nabantu awubazi nokuthi obani kanti kumele nisebenzisane hhayi ukuqhakambisa ubuqembu kodwa ukuqinisekisa ikusasa eliqhakazile kubafundi bakulesi sikole," kusho uKaunda. Ube esememezela ukuthi ukusukela manje lesi sikole uzosithatha asibeke phansi kweso lakhe (adopt) wabuye wathi ukusukela manje kuzoba namaphoyisa azohlale ezobheka ukuthi akukho yini ukuphazamiseka okwenzekayo esikoleni njengoba sekubuye uthishanhloko.

Inkosi yaseMpangisweni uZondo naye ugcizelele ukuthi akekho umuntu ongaphezu komthetho wathi uma kukhona owephula umthetho kumele amaphoyisa enze umsebenzi wawo.

Uthe amacebo okuqumba phansi abantu ngaphandle kwesisekelo yinto esungulwayo kule ndawo. Naye wethembise ukuthi uzimisele ukuthi aqashe abazogada isikole unyaka wonke uma sikhona isidingo yikhona kuzoqinisekiswa ukuphepha kukathishanhloko.

Ube esenxusa abezemfundo ukuthi ezifundweni ezikhona bengeze ezezibalo nezobuchwepheshe yikhona kuzothuthuka indawo abahlala kuyona.

> *"Shiyani ubuqembu ngaphandle kwamagceke esikole uma seningaphakathi kwesikole yenzani lokho okulindeleke ukuthi nikwenze."*




PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

SIYAQHUBA!

sisemkhankasweni wokuguqula izimpilo zabantu

To be the centre of governance, providing leadership towards achieving KZN Vision 2035

KZN Provincial Communications_2017










# INYUKILE IMIPHUMELA YEBANGA LESHUMI ESIFUNDAZWENI SAKWAZULU-NATAL

Ngonyaka ka 2014 isiFundazwe sathola amaphesenti angu – 69,7% uma uqhathanisa nawangonyaka ka 2013 lapho ayengu 77,4%.

**SIHLE MLOTSHWA**

IsiFundazwe saKwaZulu-Natali sinyuke safinyelela kumaphesenti angu – 66,4% kwimiphumela yebanga leshumi yango 2016.

Lokhu kusho ukuthi isiFundazwe sikhuphuke ngamaphesenti ayi 6% uma uqhathanisa nemiphumela yangonyaka ka 2015 lapho amaphesenti ayewu 60,7%.

Ngonyaka ka 2014 isiFundazwe sathola amaphesenti angu – 69,7% uma uqhathanisa nawangonyaka ka 2013 lapho ayengu 77,4%.

UMphathiswa wezeMfundo KwaZulu-Natali, uMthandeni Dlungwana umemezele imiphumela yebanga leshumi ya 2016 e ICC eThekwini, mhla zingu 5 January 2017.

Lomcimbi ubuhanjelwe nguNdunankulu obebambile u Sihle Zikalala, oNgqongqoshe abahlukene, amalungu e Education Portfolio Committee, izikhulu zomnyango, osomabhizinisi, othisha, abazali kanye nosingayee, abafundi.

U Dkt Enock Nzama, oyiNhloko yoMnyango, nguyena owayephethe uhlelo lalomcimbi.

Ngenkathi ememezela imiphumela, uMphathiswa uDlungwana, enkulumweni yakhe ukubeke kwacaca ukuthi abanye bababfundi abaphumelele yibona kanye abayithemba lemindenini yabo. "Sithatha lelithuba lokwethula imiphumela yangonyaka ka 2016 sibe sikubekile emqondweni wethu ukuthi abafundi abakade bebhala izivivinyo zokuphela konyaka yibona abaseyithemba emindenini yabo''.

IsiFundazwe saKwaZulu-Natali sibe nesibalo sabafundi abangu 169 023 abakade bebhala izivivinyo zokuphela konyaka ka 2016 kanye nabafundi abadudulwe abangu 27 003.

UMphathiswa uphinde wamemezela uhla lwezifunda nangendlela ezisebenze ngayo kwimiphumela kamatikuletsheni. Uhla lwezifunda lumi kanje:

- Amajuba 77.4%
- Umgungundlovu 76.38%
- Umlazi 74.42%
- Umkhanyakude 69.17%
- Uthukela 67.7%
- Pinetown 66.38%
- Ugu 65.39%
- Harry Gwala 63.79%
- King Cetshway 63.42%
- Umzinyathi 58.13%
- Zululand 57.97%
- Ilimbe 52.42%

IsiFunda Amajuba yisona esihambe phambili kunazozonke ekwenzeni kahle kwimiphumela yamatikuletsheni wangonyaka ka 2016. "Ngonyaka ka 2015 isiFunda Amajuba sathola 58.75% nokwenza ukuthi sithathe indawo yesishiyagalombili (8) uma kuqhathaniswa nezinye iziFunda zalapha KwaZulu-Natali.

Ngonyaka ka 2016 lesi siFunda Amajuba sinyuke ngo 18.47% kanti futhi isona kanye esenze umsebenzi oncomekayo kakhulu.

Umqondisi wesiFunda. Rev. Sithole, nabasebenzi, othishanhloko bezikole, othisha, abazali kanye nabafundi, sithanda ukunibongela kakhulu ngomsebenzi wenu.

IsiFunda Umzinyathi naso singesinye esisebenze ngokuzikhandla okukhulu ngoba sikwazile ukunyusa amaphesenti ngo 11.56%. Sihalalisela nesiFunda saseMgungundlovu ngokunyusa imiphumela ngo 8.40%." UMhlonishwa uphinde wabongela IsiFunda Umkhanyakude ngendlela abasebenze ngayo.

OkaDlungwana akazange alibale ukubonga zonke izinhlaka ezisebenzisane noMnyango ekuqinisikeni ukuthi imiphumela yangonyaka ka 2016 iba mihle kakhu. "Sithanda ukubonga iqhaza ebelibanjwe izinyunyana zothisha, izigungu ezilawula izikole kanye nosomabhizinisi ekuthuthukiseni imiphumela okuyinto esiyibonayo nesiyithokozelayo namuhla,'' kubeka uMpathiswa.

Ethula inkulumo yakhe, obeyibamba lika Ndunankulu, uMnu. Sihle Zikalala uthe, "Sigqugquzelekile ukuthi abantu bakulesi siFundazwe bakhombise okukhulu ukuzimisela futhi bawuthathe ngesasa umkhankaso wokubuyela ezikoleni (Back To School Campaign).

Kuliqiniso ukuthi abafundi bethu abaningi babhale izivivinyo zikamatikuletsheni futhi baphasile lokhu kukhombisa ukusebenzisana ngokubambisana ekutholeni imiphumela emihle ngemfundo.

Ukuzinikela nokusebenza ngokuzikhandla kothisha kumele sikuncome," kunaba uZikalala.

Abasebenzi boMnyango, ikakhulukazi othisha, bayithakasele lemiphumela, bathembisa ukuthi bazosebenza ngokuzikhandla ukuqinisekisa ukuthi imiphumela ka 2017 inyuka kakhulu.



> **"Sithanda ukubonga iqhaza ebelibanjwe izinyunyana zothisha, izigungu ezilawula izikole kanye nosomabhizinisi ekuthuthukiseni imiphumela okuyinto esiyibonayo nesiyithokozelayo namuhla."**

UNgqongqoshe weZemfundo KwaZulu-Natal, uMnu uMthandeni Dlungwane

# UHULUMENI UBHEKELELA IMINDENI ENTULAYO NGOKUYA NGASETHUNJINI KWAMHLABUYALINGANA

**MINENHLE MNCWANGO**



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi kuZwelonke, uNkosazana Bathabile Dlamini, nowesiFundazwe KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi neNkosi uMabhudu Tembe, weSizwe sakwaTembe, ngesikhathi behambele eManguzi.*

Umnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi ususungule izikhungo ezipha abantulayo okuya ngasethunjini emawadini amane endawemi yakwaMhlabuyalingana njengoba indlala kungenye yezinto uHulumeni wentando yeningi alwisana nayo ukuze izimpilo zabantu zibe ngcono.

UMhlambuyalingana ungenye yezindawo ehlonzwe uHulumeni kazwelonke njengedinga ukulekelelwa kakhulu, kanti kumanje kuhlomula umphakathi olinganiselwa ku-126 nsuku zonke, okumbandakanya amawadi 6, 9, 13 kanye no 14.

Lokhu kuvele ngesikhathi uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi kuzwelonke, uNkosazane Bathabile Dlamini, kanye nozakwabo esiFundazweni saKwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, behambele lomphakathi muva nje emcimbini obubanjelwe enkundleni yezemidlalo eManguzi Sports Field. Inhloso yokuhambela koNgqongqoshe kulendawo bekuwukuyobheka ukuthi izinhlelo zikaHulumeni zisahamba kahle yini, futhi yikuphi lapho kushoda khona.

Kulendawo kunemindeni engu-30 000 ehlomulayo ezibonelelweni zikaHulumeni ngemali elinganiselwa ku-R28 million nyanga zonke.

Kunezinhlangano eziyisithupha ezingenzi nzuzo eziqwashisa ngegciwane lesandulela ngculaza ezixhaswe uMnyango. Zikhona nezinkulisa zabantwana ezingu-52 ezixhaswe ngezizumbulu zemali.

Kuphinde kube nezikhungo ezilekelela izaguga lapho zihlangana zenze umsebenzi wezandla zidle nokudla okunempilo, kanti sezizonke zixhaswe ngesamba esiwu-R416 000 ngonyaka. Kunenhlangano engenzi nzuzo elwa nokuhlukunyezwa kwabanebala elimhlophe nayo exhaswe ngezizumbulu zemali, kanye nezinhlangano ezibhekelela abakhubazekile ehlomula ngesamba esifika ku-R261 664 minyaka yonke.

Nentsha iyahlomula ngoba kunezinhlangano ezingenzi nzuzo ezintathu ezibhekelela ukuthuthukiswa kwayo.

Ethula inkulumo yakhe, uNgqongqoshe Bathabile Dlamini, uzwakalise ukukhathazeka ngezinga eliphezulu lokukhulelwa kwabantwana abancane abasafunda isikole. Uthe: "UHulumeni ukhathazekile ngesibalo sokukhulelwa kwabantwana abancane abasafunda isikole.

Abazali abayekele umkhuba omubi wokufihla izigilamkhuba ezikhulelisa izingane bese zigijima ziyohlawula.

Kuyicala ukunukubeza ingane ngokocansi."

Ubuholi bendawo buzisholo bona ukuthi sebujwayelekile emphakathini ubuso babasebenzi boMnyango wezokuThuthiukiswa koMphakathi, okubalwa noNgqongqoshe waloMnyango esiFundazweni, uNkosikazi Weziwe Thusi, njengoba ephuma engena kulendawo kuhle kwesakhamuzi sendawo.

ONgqongqoshe baphinde babungaza izaguga ezilishumi esezineminyaka eyedlule ekhulwini ngendathane yezipho, okuhlanganisa izingubo zokulalala, imifaniswano yabantwana besikole, sebebonke bangu-1200, ukudla emindenini engu-1 600 ehluphekayo, Izinsiza kusebenza ezinkulisa ezimbili okuyiNgqungqulu kanye neMadonela, zona zithole amakhabethe, amatafula kanye namathoyizi odado.

Izikhwama ezinezigcobo zabaphila nebala elimhlophe kanye nezigqoko nezibuko zakhona.

Kuphinde kwahlomuliswa nazo zonke izaguga ezineminyaka eyedlule kwengama-60, kanjalo nalabo abaphenduka izisulu zokuhlukunyezwa uhulumeni wengcindezelo, bona abathole izingubo zokulala.

Bebukhona nobuholi bendawo, okubalwa ubuKhosi besizwe sakwaTembe obebumelwe Inkosi Mabhudu Tembe, iziMeya, osekela Meya, oSomlomo, nawo wonke amakhansela kanye nelunga lesiShayamthetho saKwaZulu-Natali, uNkosazane Hlobisile Dlamini.

